# *NIKULWELE NGOBUQOTHO UKUKHOLWA*

...Futhi kwenzeka ngokufa kweNkosi yethu uJesu Kristu nokubuya kukaMoya oNgcwele, ukugxilisa ezinhliziyweni zethu ukukholwa. Futhi siyakhuleka ukuthi Uzosipha okwezibusiso zaKho kulobubusuku.

2 Kwangathi i...labo abangaphandle kukaKristu bangene kulobubusuku; nalabo abagulayo baphulukiswe; labo abadangeleyo baphakanyiswe; labo abanomoya ophansi benziwe basha futhi kabusha futhi. Siphe khona, Baba.

3 Manje, kwangathi uMoya oNgcwele ungeza, uthathe izinto zikaNkulunkulu, iZwi, futhi uLibeke kuyo yonke inhliziyo njengoba nje benesidingo. Asazi ukuthi siyini isidingo kulobubusuku, Wena uyazi. Futhi siyaKucela ngokukholwa, sikholwa ukuthi Uzohlinzeka konke esikudingayo, ngokuba sikunikela kuWe eGameni leNdodana yaKho, iNkosi uJesu. Amen.

Ningahlala phansi.

4 Kwangathi uBaba wethu waseZulwini angabusisa omunye nomunye ngokucebile. (Ingabe lezi ezakho na?) [UMfowethu Boze ukhuluma noMfowethu Branham—Umhl.] Okuzayo... ukuvalwa komhlangano, sisele nobusuku obumbalwa... Ungangivumeli ngikhohlwe ukukhulekela labo ngaphambi—ngaphambi kwe...lamaduku...hhayi—hhayi khona manje. Ngiqonde nje e...[UMfowethu Boze ukhuluma noMfowethu Branham. Akuqoshwanga eteyipini.]

5 Ubusuku abubi mnyama kakhulu, imvula ayini kakhulu kakhulu, niyabo. Ngizoya emkhulekweni ngenzele nina noma ngasiphi isikhathi, ngenze engingakwenza.

6 UNkulunkulu abusise lamadoda asivumele ukuba sibe nalelihholo elikhulu lesikole. Sengathi lesi sikole singama njengesikhumbuzo, ngenxa yokuphana kwaso nomusa waso ngaseVangelini leNkosi uJesu Kristu, bevula iminyango yabo. Ngihlanganile nonjiniyela namadoda amaningana lapha, nesigejane esikahle samadoda, kunjalo. Ngiyabathakasela. UNkulunkulu ababusise.

7 Futhi manje, yibani semkhulekweni. Namuhla ebusuku ubusuku bokuvala inkonzo; futhi, ngikhulekeleni, ngeke yini, njengoba ngiya ensimini na? Siyaqaphela ukuthi lesi kungahle kube isikhathi sokugcina sokuhlangana, ngoba abaningi bethu bangahle bangaphinde bahlangane kanje. Sonke, sona

kanye lesisixuku esilapha, singahle singaphinde sihlangane ngalendlela ngalukoluhlangothi lweZulu. Kunjalo.

8 Abantu abaningi abadala lapha, futhi abazi nje ukuthi ngizobuya nini. Izingozi, futhi uyazi ukuthi kwenzekani, ngingahle ngingaphinde ngikwazi ukubuya, noma ungahle ungaphinde ukwazi ukubuya.

9 Kodwa mina...Ngobufakazi bami bokugcina kini uma bungekho, uma kwenzeka kanjalo: UJesu Kristu ngempela uyiNdodana kaNkulunkulu evuswe kwabafileyo. Futhi engikukhuluma ngaYe ngikholwa ngenhliziyo yami yonke. Futhi ngiyanithanda ngolungafi nangokufudumala kothando lobuKristu. UNkulunkulu abe nani.

10 Manje, kumelusi wethu omncane ngapha, uMfowethu Yoseph, awu, angidingekile ukuba ngikuzwakalise lokho, niyazi ukuthi ngicabangani ngaye. Nakinina nonke bazalwane abathandekayo, abelusi, na—nabantu nje bamanye amabandla abahlezi phansi kulomgodi lapha kulobubusuku...futhi ngicabanga ukuthi lena indawo ebekelwe abashyayi bezinsimbi na? Futhi kubukeka njengendawo yokuqopha yamaciko. Ngokuqinisekile baningi abawo.

11 Futhi ngibona abanye engikholwa ukuthi ngiyabazi. Ngiyabazi lababazalwane lapha ekhoneni, abangani bami, uLeo noGene, noMfowethu Arment, noMfowethu Beeler ezansi lapha, nomunye umfowethu oyisithunywa senkolo, ngiyakholwa, ovela ePalestine.

12 Manje, anginasiqiniseko, ngabe yilowo dade owaphulukiswa e...ohlulwa uphuzo oludakayo owaye...? UNkulunkulu akubusise, dade. Impela ngiyakuthakasela ngenhliziyo yami yonke. Nenenekazi elincane elaphulukiswa, ohlulwa uphuzo oludakayo okhonza iNkosi uJesu, futhi ngiyabonga kakhulu ngalo nangomusa walo eVangelini.

13 UNkulunkulu abusise ngamunye ngamunye. Manje, yebo, futhi mfowethu, lapha; nangu umfo omncane ohlezi phansi lapha, Ngiyacabanga, yena nomkakhe bayashayela besuka eHammond, e-Indiana, njalo ngeSonto beya etabernakele lami, cishe amamayela angamakhulu amabili namashumi ayisishiyagalombili ukuze bathole ukuba semhlanganweni uma belapho; uletha wonke umthwalo kanye naye. Angilazi ngisho negama lomfowethu, kodwa ungumuntu olungile noma kanjani. UNkulunkulu uyamazi.

14 Uma ngingaphosisi, inenekazi elincane elihlezi khona lapha, eligqoke ijezi elibomvu noma okuthize, Ngikholwa ukuthi laphulukiswa kanye komunye wemihlangano yami, Angiqinisekile, kodwa ngi—ngicabanga ukuthi laphulukiswa ngesimila ngesinye isikhathi noma okuthize.

15 [UMfowethu Boze ukhuluma kuMfowethu Branham—Umhl.] Ubani lowo na? Ukuphi yena na? Ngani, mayibusiswe inhliziyo

yakho, Mfowethu John, angikubonanga. Ubuhlezi emuva ohlangothini ukusuka kimi noMfowethu Joseph weza futhi wathi, "Yebo."

16 Ubukuphi ngesikhathi somhlangano na? [UMfowethu John ukhuluma kuMfowethu Branham—Umhl.] Yebo. UNkulunkulu akubusise, mfowethu. Yebo. Bengikhuluma. Ukuthula kukaNkulunkulu makube nawe, mfowethu othandekayo. Lo mfowethu othandekayo omdala lapha . . . [Akuqoshwanga eteyipini.]

17 Nginikeni ukunakisisa kwenu manje okokufundwa kweZwi.

ENcwadini kaJuda sithola lamavesi, evesini le 3 leNcwadi kaJuda.

> *Bathandekayo . . . Ngikhuthalele ukunilobela ngensindiso esiyihlanganyelayo, ngifanele ukunibhalela, nokunikhuthaza* ukuba *nilulwele ngobuqotho ukholo* o*lwanikelwa kwaba kanye abangcwele.*

Kwangathi iNkosi ingenezela izibusiso zaYo ekufundweni kweZwi laYo.

18 Manje, ngikholwa ukuthi leNcwadi yalotshwa ngo A.D. 66. Futhi kwaba yiminyaka engamashumi amathathu nantathu, khona-ke, emva kwePhentekoste. Futhi uJuda ekhuluma ebandleni khona-ke wayebakhuthaza ukuthi ba "fanele bakulwele ngobuqotho ukukholwa okwanikelwa kanye kwabangcwele."

19 Ungake ukucabange ukuthi—ukuthi iBandla elikhulu likaMoya oNgcwele, elalikade ligcotshiwe, futhi lacwiliswa kuKristu ngoMoya oNgcwele, lithandekele kangaka ngesikhathi esifushane kangako ukuthi umprofethi lapha, wayebatshela ukuthi "balwele ngobuqotho ukukholwa okwanikelwa kwaba kanye kwabangcwele"?

20 Manje, ngeke sithathe isikhathi esiningi. Ngifanele ngibheke lapha, ngoba sinenkonzo enkulu ezayo. Ukukhulekela abantu abaningi kulobubusuku engingakwazi ukubadlulisa emgqeni. Futhi ngicela ukuma eduze ngokukholwa, umkhuleko.

21 Manje, u—umprofethi lapha uthi ukulwela ngobuqotho ukukholwa, kungeyisikho ukukholwa *nje*, kodwa ukukholwa *uqobo,* okwanikelwa kwaba kanye kwabangcwele.

22 Manje, abantu abaningi bathi, "Awu, bengizokwehla ngiye kulowomhlangano, kodwa kuphambene nokukholwa kwami." Kunye kuphela ukukholwa: ukukholwa kunye, ithemba linye, iNkosi yinye, umbhaphathizo munye. Niyakukholwa na? Ukukholwa kunye, nalokho kukholwa kuseNkosini uJesu Kristu.

Futhi manje, abanye abantu bathi, "Awu, ngiyiMethodisti. Lokho kuphambene nokukholwa kwami."

23 "NgingumKatolika, futhi lokho kuphambene nokukholwa kwami." Kukhona ukukholwa okukodwa kuphela. Kungaba amahlelo ehlukene amabandla ukumela lokho kukholwa, kodwa kunye kuphela ukukholwa.

24 Manje, uJuda washo ukuthi thina, ekhuluma lapha ikakhulukazi kusobala e—ebandleni ngalolosuku, kodwa, sifanele silwele ngobuqotho ukukholwa okwanikelwa kanye kwabangcwele.

25 Manje, bekungeke kusebenze eTestamenteni eLidala. Kwakufanele kube seTestamenteni eLisha, ngoba iTestamente eLidala laliwumthetho, futhi lolu hlangothi luwumusa. Futhi—futhi yathi, "Umthetho nabaprofethi," Luka 16:16, "umthetho nabaprofethi kwakukhona kwaze kwaba nguJohane: kusukela lapho uMbuso weZulu uyashunyayelwa." Ngakho-ke kwakufanele kube yilolu hlangothi, kwakufanele kube yilolu hlangothi nokungcweliswa, ngoba abangcwele, ibandla libhekiselwa kulo njengabangcwele emva . . . Igama elithi *ongcwele* lisho "ongcwelisiwe." Ngamanye amazwi, sifanele silwele ukukholwa okwanikelwa kanye kongcwelisiwe. *Ukungcwelisa* kusho "ukubizelwa ngaphandle, ukuhlukaniselwa, ukuhlanzwa, ukubona, ukuhlanzwa nokuhlukaniselwa inkonzo."

26 Manje, ukukholwa okwake kwanikelwa kulabobantu, lokho ukukholwa esifanele ukukulwela. Niyazi ukuthi *ukulwela* kusho ukuthini na? U "kuba nenkulumo mpikiswano, noma ukubambelela," ukulwela i, nilwele ngobuqotho lokho kukholwa.

Manje, uma ngithe, "Bazalwane beMethodisti, ninakho na?"

"Yebo, sinakho lokho kukholwa."

"Nabazalwane beBaptisti na?"

"Yebo."

Futhi iKatholika lithi, "Yebo."

IPhentecostal ithi, "Yebo."

Wonke umuntu uzothi, "Yebo, ibandla lami lilwela lokho kukholwa."

27 Awu, ngiyajabula ukuzwa lokho. Ngingajabula kakhulu ukwazi ukuthi lokho kuyiqiniso.

Manje, indlela kuphela, awu, singathi, "Yini eyenza nihluke komunye nomunye khona-ke na?"

"Awu ngakho-ke, siyakukholwa ukuthi kwakunga*le*ndlela."

28 Manje, ake sibuyele emuva nje engxenyeni yokuqala yomBhalo, inkonzo yokuqala, futhi ezinsukwini zabangcwele, futhi sibone ukuthi hlobo luni lokukholwa ababenalo, bese-ke silwela lokho ababenakho. Yileyo ndlela kuphela yokuqinisekisa. Ngabe kunjalo na?

29 Manje, Owokuqala owethula ukukholwa iBhayibheli elifuna sikulwele kwakuyiNkosi uJesu Kristu qobo lwaKhe. UJohane wayengumanduleli wokukhuluma ngokuza kwakho, kodwa uKristu wayeyiKho. UKristu uqobo lwaKhe, NguYe Owaletha ukukholwa, ngoba uKristu emhlabeni wayengukumelela kukaNkulunkulu kubantu esivumelwaneni esisha.

30 Qaphelani, uNkulunkulu wathumela uKristu emva kwezinsuku zomthetho; wenza owesifazane ngaphansi komthetho ukuze ahlenge labo ababengaphansi komthetho. UKristu wenziwa inyama yomuntu, enguNkulunkulu qobo lwaKhe, u-Emanuweli, efakiwe, uNkulunkulu ekuKristu ebuyisana nezwe kuYe uqobo.

31 Futhi ngenkathi Wayelapha emhlabeni, Akazange alandele imicabango yaKhe uQobo, intando yaKhe uQobo, kodwa Wadela intando yaKhe uQobo kanye nemicabango yaKhe uQobo ukuze alandele umqondo kanye nentando kaBaba waKhe. “Angizanga ukwenza intando yaMi, kodwa intando yaKhe oNgithumileyo.” Niyakubona na?

32 Manje, uKristu uza ukuzokwenza intando kaBaba. Manje-ke uma singabona lokho uKristu akwenzayo, nokuthi hlobo luni lokukholwa Alunika abantu, noma alushumayela kubantu, khona-ke lokho kufanele kube ukukholwa esikulwelayo.

33 Manje, ngenkathi uKristu elapha emhlabeni, siyamangala, Wazalwa eyiNgane ejwayelekile nje yomfana, wazalelwa emkhombeni. Akazange eze emhlabeni ngokuningi kakhulu oko—okokuba akwenze. Wayengowabazali nje abathobekile ezalelwe emkhombeni, wakhuliswa, wahamba, futhi wakhuliswa kanye nabantu baKubo.

34 Futhi eseneminyaka engamashumi amathathu ubudala Waphuma waya ehlane, futhi lapho wahlangana noJohane, futhi wabhaphathizwa nguJohane eJordani, elalela, noma, egcwalisa . . . Kwathi uJohane eMbona eza wathi, “Ngidinga ukubhaphathizwa nguWe, futhi kungani Wena uze kimi na?”

35 Wathi, “Vuma kalokhu, kodwa kusifanele ukugcwalisa ukulunga konke.” Futhi khona-ke wabhaphathizwa nguJohane, waphuma masinyane emanzini, futhi bheka amaZulu ayeMvulekele.

36 NoJohane uyafakaza, ebona uMoya kaNkulunkulu njengejuba wehla uvela eZulwini futhi ukhanyisa phezu kwaKhe. UJohane waqhubeka wathi, “BengingaMazi, kodwa lowo Owasho kimi ehlane ukuba ngihambe ngibhaphathize, wathi, ‘Ozakubona uMoya ehla futhi ahlale phezu kwakhe, NguYe ozobhaphathiza ngoMoya oNgcwele nangoMlilo.’”

37 UJohane wayenesibonakaliso sokuthi lowo kwakunguMesiya. Ngenkathi eMbona eza wayazi ukuthi KwakunguMesiya. Manje, Wayengagqokile ngokwehlukile kunoma iyiphi enye indoda. UJesu wayenguMuntu nje

ojwayelekile. IBhayibheli lathi, "Kwakungekho buhle ukuthi siMfise." Wayengenjalo, indoda enkulu kangako engamafidi ayisikhombisa. Akukho buhle ukuthi siMfise.

38 Ngicabanga ukuthi Wayengenayo kakhulu imfundo yaleli zwe, ngokuba asinakho okuqoshiwe ngaYe eke aye esikoleni, akukho okuqoshiwe emBhalweni, noma umlando wokuthi Wake waya esikoleni. Kodwa Wayenemfundo, kusobala. Kodwa lapho Ayithola khona, asazi. Futhi manje, sinokuqoshiwe ngoPawulu—Pawulu kwalapho aya khona esikoleni, nabanye, kodwa asinakho okuqoshiwe lapho uJesu aya khona esikoleni.

39 WayenguMuntu nje ojwayelekile, ekhuluma ulwimi olujwayelekile, ulwimi olufana nolusebenzisa emgwaqweni lapho wonke umuntu, abantu abavamile bengezwa khona.

40 Futhi ngakho-ke, kwakungekho lutho olugqamile ngokubukeka kwaKhe nokunye nokunye ukuthi wawungaMenza lokho Ayeyikho. Lokho Ayeyikho, kwakungesikho ngokubonakala kwangaphandle, ngokuba WayenguMuntu wangaphandle, kodwa ngaphakathi WayenguNkulunkulu, u-Emanuweli. UBaba uNkulunkulu wayekuYe, ebuyisena nezwe kuYe. Ngakho-ke lapho Waletha ukukholwa komKristu.

41 Manje, sizoMqaphela. Yini eyaMenza wehluka na? NjengoSikhulumi ngicabanga ukuthi Akazange abe namandla kangako futhi aphumele emgwaqweni nanjengoba senza, futhi amemeze, ngoba iBhayibheli lathi, "Iphimbo laKhe lalingezwakali emgwaqeni. Nomhlanga ofecekileyo nefilakisi elithunqayo," nokunye nokunye njengoba umprofethi asho ukuthi Uyoba njalo.

42 Ngakho-ke Wayeyinto ethize nje ngokukhuluma kwaKhe okwabamba inhliziyo yabantu, nokho. Kwakungadingeki ukuba abe namandla ngakho ekuboniseni kwangaphandle, kodwa kwakukhona okuthize phansi ekukhulumeni kwaKhe okwathatha izinhliziyo zabantu.

43 Bengihlale ngikuthanda kanjani ukuzwa abefundisi abakhulu bekhuluma, nokuthi ngithanda kanjani ukubezwa. Kodwa bengihlale ngizibuza ukuthi ngangiyozizwa kanjani ngimi lapho ngalolosuku lapho uJesu elula izingalo zaKhe wayesethi, "Wozani kiMi, nina nonke enikhatheleyo, nenisindwayo, Ngizoniphumuza." O, bengingathanda ukuba ngakuzwa lokho.

44 Bengingathanda ukuba ngaMuzwa ngenkathi Ehlezi edwaleni, mhlasimbe, e—entabeni lapho Anikeza khona intshumayelo yaKhe entabeni, futhi ngiMlalele. Wathi, "Babusisiwe abahlanzekile enhliziyweni; bayakubona uNkulunkulu. Nibusisiwe nxa abantu benizingela, benigcona ngalo lonke uhlobo, beqamba amanga ngenxa yeGama laMi. Jabulani, futhi nithokoze ngokwedlulele, ngokuba umvuzo wenu

mkhulu eZulwini, ngokuba ngokunjalo babazingela abaprofethi ababephambi kwenu." Niyabo?

45 O, bengingathanda ukuba ngaMuzwa eshumayela lokho. Kodwa njengoba bengivame ukuthi, "Mhlasimbe bengingeke ngikuzwe lokho, kodwa nginethemba lokuzwa lokhu: 'Awu, wenzile, nceku yaMi enhle nethembekile.' Uma nje ngingezwa ukuthi yilokho kuphela, lokho kuzo—zonganelisa kahle."

46 Qaphelani, ngenkathi Elapha emhlabeni, uPetru wathi, eZenzweni isahluko se 2, emva kokuba esemukele umbhaphathizo kaMoya oNgcwele, wathi, "Nina madoda akwa-Israyeli, loJesu waseNazaretha, iNdoda efakazelwe nguNkulunkulu phakathi kwenu . . ." Ngani na? Ngesayense yaKhe yezenkolo na? Qhabo. Ngokuma kwaKhe okukhulu ebandleni na? Qhabo. Ngeziqu zaKhe na? Qhabo. Noma ngenkulumo yaKhe enhle kakhulu na? Qhabo. "Nina madoda akwa-Israyeli, uJesu waseNazaretha, iNdoda efakazelwe nguNkulunkulu phakathi kwenu ngezibonakaliso nezimangaliso ukuthi uNkulunkulu wazenza ngaYe phakathi kwenu konke eniyikho, nonke, bangufakazi . . ." He, lokho kwakusuka ngqo ehlombe, kwakungenjalo na? Wathi, "Nina ngezandla ezimbi niyibethele iNkosana yokuPhila, kodwa uNkulunkulu waYivusa futhi." Amen. Ngiyakuthanda lokho.

47 Wathi, "NaMbethela, kodwa akunakwenzeka ukuthi ufanele Abe ngumphathi wokufa. Ngakho-ke ukufa kwadingeka kuMthukulule, futhi Uvukile kwabafileyo. Futhi thina singofakazi baKhe." Amen. "Kungakho lezi zinto zenziwa, isibonelo, indoda engenamandla esangweni yaphulukiswa." Wathi, "Ngokukholwa eGameni likaJesu Kristu lendoda iphilisiwe," Niyabo? "iNkosana yokuPhila enaYibethela." Wathi, "UNkulunkulu waYiqinisekisa." Wayengenalutho . . . Wayengeyena umuntu omkhulu obukeka njengenkosana. Wayengeyona eyalezi zinto ezibhekwa izwe. "Kodwa uNkulunkulu wayenaYe, ngoba Wafakazisa ukuthi WayenaYe ngaphambi kwenu nonke, ngezibonakaliso nezimangaliso Azenza phakathi kwenu nonke."

48 Yilokho abaphostoli ababekucabanga ngokukholwa komKristu. Lenzani izinga lombuso omkhulu wesonto, abaFarisi nabaSadusi, izinkantolo ezinkulu zeSanhedrin, elinganiselwa ezigidini ezimbili zabantu na? Bathumela ummeleli ngobusuku obubodwa, uNikodemu. Wafika ebusuku.

49 Abanye benu bayamhleka ngokufika ebusuku; wagcina efikile. Nikwenzile na? Ingabe wenze okuningi njengoNikodemu na? Wagcina efikile lapho. Wafika kuJesu.

50 Kulungile. Futhi lapho efika, mbuke manje: isifundiswa, isifundiswa siza kuMuntu Owayengenayo idiploma. Kwakuyisicukuthwane siza esiChakeni ukuthola ulwazi. Nansi indoda eneziqu ezinkulu iza kuMuntu owayengenazo iziqu.

Kwakuyisihlakaniphi esidala kanye nothisha ziza kuMfo omncane ukuzofunda ngokuPhila okuphakade. Uyawubona umehluko na?

51 Manje, weza edabula izihosha ebusuku, ekhuphuka, ngenxa yebandla lakhe nokunye nokunye. Kodwa uNikodemu (Mlaleleni.), wakhulumela ibandla, inkantolo yeSanhedrin, ngethempeli, ngabaFarisi, nabaSadusi, namaSanhedrin nokunye. Wathi, "Siyazi, Rabi, noma Mfundisi, siyazi ukuthi Wena unguMfundisi ovela kuNkulunkulu." "Thina," ubani uthina na? "Thina maJuda, thina base—basezinkantolo, thina basemasinagogeni esaKuhlupha, sihlekisa ngaWe futhi siKuhleka, kodwa siyazi ukuthi UnguMfundisi ovela kuNkulunkulu." Ngani na?

"Ngoba Uyindoda eyiqhalaqhala, nenkulumo enkulu, iphimbo elimnandi na?"

"Qhabo."

"Nikwazi kanjani-ke na?"

52 "Siyazi ukuthi UnguMfundisi ovela kuNkulunkulu, ngokuba akukho-muntu ongenza izinto Ozenzayo, izimangaliso Ozenzayo, ngaphandle kokuthi uNkulunkulu enaYe." Babazi ukuthi lowo kwakunguYe, kodwa ngenxa yobandlululo, ubugovu, ungakulungeli ukuba nokuzidela ukuze ulahle okwakho uqobo okukuzungezile futhi wemukele Yena. Nokho baqonda ukuthi kwakungokukaNkulunkulu.

53 Lelidolobha, ufunda amaphephandaba, ungena emhlanganweni, awunazaba. Bayazi ukuthi uNkulunkulu usezansi lapha ehamba futhi enza izimangaliso. Abantu abahleka ukuphulukisa kukaNkulunkulu, bahleka iBandla likaNkulunkulu ophilayo, ekutheni banengqondo encane; abanazaba. Bayazi phansi ezinhliziyweni zabo ukuthi lelo yiqiniso. Bayesaba ukukuvuma, besaba ukuthi bazolahlekelwa okunye ukuhlonishwa kwabo emphakathini. Ngingamane ngilahlekelwe yikho konke ukuhlonishwa kwami emphakathini futhi ngizuze iZulu, ubungeke na? Ngokusobala, ngangingenalo udumo lenhlaliswano engangingalahlekelwa yilo.

54 Kodwa uKristu wangingenisa, futhi manje sengingu—ngingumntwana. Bukani ukuthi Wayeyini ngathi. Yena engcebweni yaKhe waba mpofu, ukuze ebumpofini baKhe singaba ngabacebile. Ekungafini kwaKhe Waba yinyama ukuze Athathe ukugula kwethu, ukuze ekuguleni kwaKhe singaba nempilo. Kuzo zonke izono zami Waba . . . Wayengenasono, futhi wathatha isono sami, ukuze ngingabi nasono. Waba yimi ukuze ngibe nguYe.

55 EZulwini Umi engowami noMmeleli wakho. Khona-ke uNkulunkulu akabheki kithi; Ubheka uMmeleli wethu. O, akumangalisi lokho na? UKristu emi esikhundleni sethu, esimele phambi kukaBaba.

56 Wake waya ekuthethweni kwecala lasenkantolo na? UMmeleli, Uma njengoMmeli wethu, emi ukuba anxuse. Ubani owazi ukwenza okungcono kunokuba Azi, ngenkathi Eyiyona kanye iNdodana kaBaba, emi eBukhoneni bukaNkulunkulu ukunxusela icala thina zoni, futhi uma sizovuma.

57 Ecebile, nokho, waba mpofu, ukuthi ngobumpofu baKhe singenziwa sicebe. Sicebile ngani na? Imali na? Qhabo. Sicebile ngezibusiso zaseZulwini, izinto zikamoya; thina, esake saba mpofu manje sesiyaceba ngobumpofu baKhe.

58 Mqapheleni. Wazihlubula Yena uqobo, wazithoba Yena uqobo, wehla, Lowo omkhulu wobuNkulunkulu ovela Phezulu. Hu-. . .Ekuthotshisweni wehla futhi wazehlisa Yena uqobo, wazithoba Yena uqobo emzimbeni wenyama ukuba ahambe phakathi kwabantu, ukuzwa ukuqalekiswa nokuthuka kwabantu, uzwa izinhlungu zokugula nokufa phezu kwaKhe ukuthi kukho konke lokho, hhayi ngoba Wayefanele akwenze, kodwa ngoba uthando lwaMqhubela kukho. Ukuthi Wayenze konke lokho futhi wayegula futhi enezinkathazo.

59 Wena uthi, "Ingabe Wayegula na?" Impela. Akazange Enze okungokwakhe Yena uqobo, isitatimende saKhe uQobo—saKhe uQobo, futhi wathi, "Bangasho yini kiMi, 'Nyanga, zilaphe na?'" Impela, Wathwala izifo zethu, usizi lwethu, isono sethu, usizi lwethu. Niyabona ukuthi Wayeyini na?

60 Manje, lowo yiLowo abaphostoli abakhuluma ngaye; yiLowo uNikhodemu akhuluma ngaye. Ake sibone ukuthi Wayeyini. Hlobo luni loMmeleli Alwenza ekukholweni komKristu na?

61 Ngenkathi Elapha phezu komhlaba, Akazange azithathele igama kuYe uqobo. IBhayibheli lathi Akazange. Akazange azenzele idumela laKhe uqobo. Izikhathi eziningi ngiye ngacabanga lokhu: indoda eyenza ipuleti lamanga enzela amazinyo, wenza idumela kulo. Kodwa uMuntu Owenza amazinyo angempela akenzanga dumela ngaYe uqobo. Indoda eyenza umlenze wokwenziwa yazenzela igama, kodwa uMuntu Owenza umlenze wangempela akazange azenzele idumela laKhe uqobo. Niyabo?

62 Wavele Wazihlubula futhi wehla ukuze asindise mina nawe, ukuphulukisa wena nami. INyanga enkulu, uNkulunkulu weZulu, Ongafiyo, Wazembesa enyameni ukuze agxilise ukugula emzimbeni waKhe uQobo ukuba asuse ukugula kwethu. Akwaziwa neze nje. Amagama awakwazi ukuzwakalisa lokho okuyikho ngempela, lokho uNkulunkulu asenzela khona kuKristu Jesu.

63 Ngesikhathi Elapha emhlabeni Akazange aziqhayise ngaYe uqobo. Ufika engazi lutho ngaphandle kwalokho intando kaBaba eyayizokwenza. Waphiwa izinto ezinkulu. Ngisho noSathane wamtshela, "Ngizokunika yonke imibuso yezwe,

futh ngikwenze inkosi phezu kwayo, uma uzowa phansi, futhi ungikhonze."

Wathi, "Suka, Sathane. Kulotshiwe ukuthi wokhuleka eNkosini uNkulunkulu wakho futhi umkhonze Yena yedwa." Impela.

64 Wayengaba nayo yonke imibuso yomhlaba. Uzoba nayo noma kanjani. Uba yindlalifa yayo. Uyindlalifa yazo zonke izinto. Futhi siyizindlalifa kanye naYe, nezindlalifa kanye kanye eMbusweni.

65 "Babusisiwe abahlanzekile enhliziyweni, ngokuba bayakubona uNkulunkulu. Babusisiwe abamnene, ngokuba bayakudla ifa lomhlaba." Leyo yintshumayelo yaKhe, lokho Asinika khona, izithembiso zaKhe. KwakunguYe lowo.

66 Manje, Mqapheleni. Njengoba Yena, lapha emhlabeni, sibona omunye womsebenzi waKhe. Ake sibone ukuthi Wayesho ukuthini ekukholweni komKristu manje. Nangu Ulapha. Umfudlana wabo bonke ubuKristu, iNhloko, isiQalo, uMsuka wokukholwa komKristu kwakunguJesu Kristu, iNdodana kaNkulunkulu, isiqalo sokukholwa komKristu, indawo yokuqala yaso sonke isintu seminyaka yonke ukuba sibheke kuleyo ndawo yokuqala futhi siqale kusukela lapho. WayeyiSibonelo kithi. Ngabe kunjalo na?

67 Ngenkathi, isahluko se 13, uJohane oNgcwele, ngenkathi kulethwa ukugezana izinyawo, futhi Wathi . . . Bhekisisani njengoba uPetru, ozidlayo, loPetru—Petru wayenjalo, evikelwe, engahloniphi, wema lapho njengokhololo oqinile. Futhi Wahamba wakhuphuka ukuze ageze izinyawo zikaPetru. Wathi, "Awusoze ugeze izinyawo zami." O, he. Sinabaningi balabo namuhla.

"Awusoze ugeze izinyawo zami."

UJesu wambheka, wathi, "Awu, uma Ngingakugezi, awunasabelo naMi."

UPetru wathi, "Khona-ke Nkosi kungabi izinyawo zami kuphela, kodwa izandla zami nekhanda." Kwathi ukumkhipha isitashi, akwenzanga na?

68 O, ngingawabona lawo mazwi anomusa, eqalaza uPetru futhi ethi, "Manje, manje . . . Uma Ngi—uma Ngingakwazi ukukugeza, awunasabelo naMi, uma ungakwazi ukulandela umyalo waMi, uma ningenakuyenza intando kaBaba; Petru, Ngiyakuthanda, kodwa ufanele wenze lezi zinto." Lokho kuyingxenye yokukholwa komKristu.

69 Kwathi Eseqedile ukugeza izinyawo zabafundi, wahlala phansi, wathi, "Manje, niNgibiza ngeNkosi noMfundisi: futhi nithi, awu; ngokuba Ngiyikho. Uma-ke Mina, iNkosi noMfundisi wenu, nginigezile izinyawo zenu; nifanele nigezane. Ngokuba . . . " Kulaleleni. "Ngokuba ngininike

isibonelo, sokuba nenze omunye komunye njengalokho Ngenzile kini." WayeyiSibonelo sobuKristu. WayengubuKristu. WayeyiSifanekiso sethu.

70 Ungalinge uzame ukufanekisa impilo yakho ilandele umshumayeli othile, ilandele umpristi othize, ilandele indoda ethize enkulu yenkolo lapha emhlabeni, kodwa fanekisa impilo yakho ilandele uKristu. UyiSibonelo sakho. Wabeka isibonelo. Waphila isibonelo futhi wasethula eBandleni. O, ngethemba ukuthi lokho kuzika kujule kakhulu.

71 Kungani abantu bengafuni ukuzwa iVangeli na? Niyabo? Qaphela, cwilisa phansi ujule.

72 Wathi WayeyiSibonelo. Manje, siyaMbona; bhekisisani ukuthi sibonelo sini Asibekayo. Waphuma ethi, "Akukho eNgingakwenza ngesingaMi." Futhi-ke omunye weza kuYe, ethi ukunganaki kancane, waqalaza phezu kwezethameli, noJesu emi lapho wamqalaza; Wathi, "Wena ungum-Israyeli okungekho nkohliso kuye."

73 Ngenkathi uFiliphu ehamba futhi wathola uNathanayeli, phandle ngaphansi kwalowo muthi ekhuleka, wambuyisa, wathi, "Woza ngapha. Ngifuna ukukukhombisa ukuthi nguBani esimtholile: uJesu waseNazaretha, iNdodana kaJosefa."

Futhi lo muntu ozidlayo, wathi, "Ngani, kungaba khona into enhle evela eNazaretha na?"

Wathi, "Woza, ubone." Leyo indlela ezedlula zonke yokuthola. Hamba, uthole. Wathi, "Woza ubone."

74 Awu, ufika laphaya, niyazi, indoda elungile, indoda eziphethe kahle, eqotho njengoba izinsuku lulude, futhi wenyukela lapho phambi kukaJesu, emi phandle lapho esixukwini, noJesu eqalaza. Seingiyacabanga ngenkathi ezwa uJesu, noma eMbona ekhulekela abanye abagulayo noma okuthize, inhliziyo yakhe iqala ukuncibilika kancane.

75 Uyazi, ngiyamuzwa, cishe impela, esho izwi kuFiliphu: "Awusho Filiphu, lowo Mfo wehluke kancane kumshumayeli ojwayelekile esimbonayo." O, he! *Ingabe* Wehlukile! Wathi, "Wehluke kancane. Ngithi ukuthanda indlela Akhuluma ngayo."

76 Ngizwa uNathanayeli ethi, "Awu, ngi—ngi—ngicabange ukuthi uzoshintsha umqondo wakho ngenkathi uMbona futhi uthole ukuMuzwa kanye. Ubudlulisa umbono wakho, emuva ezansi lapho, wathi, 'Ngeke kube khona lutho oluhle oluvela eNazaretha.'"

77 Cishe ngaleso sikhathi, uJesu ephendula ikhanda laKhe elithandekayo, amehlo aKhe amakhulu, athambile ebuka ngaleya, Wathi, "Bheka, um-Israyeli okungekho nkohliso kuye." Kwamnyakazisa lokho.

Wathi, "Mina na?" Wathi, "Ungaze kanjani, Mfundisi, noma Rabi na?"

Wathi, "Ngaphambi kokuthi uFiliphu akubize, ngenkathi ubungaphansi kwesihlahla Ngakubona." Naso isibonelo sobuKristu. Kunjalo.

78 Wahlangana nowesifazane emthonjeni wayesebamukisa abafundi. Bangena emzini ukuyothenga ukudla, umphako, kwathi bona besahambile, uJesu azi ukuthi owesifazane uzoza, ngoba Wathi, "Akenzanga lutho ngaphandle kokuthi uBaba aMbonise."

79 Usuka eJerusalema hamba uphume uqonde uye eJeriko, kodwa Yena wenyuka ngendlela yaseSamariya. Ngiyamangala ukuthi kungani. Wayenesidingo sokudlula ngaseSamariya. Ngiyamangala ukuthi kungani.

Waphumela lapho, wahlala emthonjeni, nowesifazane waphuma ezokha amanzi. Futhi Wathi, "Ngiphuzise."

Wathi, "Ngani, akulona isiko ukuba amaJuda acele amaSamariya okunjalo."

Wathi, "Kodwa ukuba bewazi ukuthi ubukhuluma noBani, ubuyocela kiMi amanzi, futhi bengizokunika aManzi ongezanga lapha ukuzowakha."

"Ngani," wathi, "umthombo ujulile," nokunye nokunye.

Wathi, "Hamba, ulande indoda yakho," khona ngqo ephuzwini. "Hamba, ulande indoda yakho. Yileyo inkathazo yakho."

Wathi, "Anginayo indoda."

Wathi, "Kunjalo. Unayisihlanu."

"Ngani," wathi, "Ngiyabona ukuthi UngumProfethi, Mnumzane." Wathi, "Ngiyazi lapho uMesiya efika Angenza lezizinto, kodwa Wena unguBani na?"

Wathi, "NginguYe okhuluma nawe." Amen.

80 Naso isibonakaliso sobuKristu. Nakho ukukholwa ababenakho. Naso isibonelo.

81 Ngani, wagijima wangena emzini. UJesu uyangena, akazange enze noma yiziphi izimangaliso noma enze noma yiziphi zezibonakaliso zaKhe. Wavele wakhuluma nabantu. Bathi, "SiyaKukholwa. SiyaKukholwa. Hhayi ngoba owesifazane ethe Wena uyayazi imfihlo yempilo yakhe, kodwa—kodwa ngoba siKuzwile ukhuluma, siyaKukholwa. Yingakho thina . . . " Qaphelani ukuthi kwenzekani kamuva kancane kulowo muzi.

82 UJesu waqhubeka. Qaphelani, lolo wuhlobo lokuPhila Ayeluphila. Wedlula echibini laseBethesda, ngasechibini, njalo, lapho kwakulele khona abantu abuthakathaka, izinyonga, izishosha, izimpumputhe, abashwabeneyo.

83 Manje, bheka. Uyakholwa ukuthi uJesu wayenesihawu na? Wayegcwele uthando. Kodwa kufana nabantu ngezinye izikhathi, othandweni, bayakhohlwa ukuthi hlobo luni lothando abakhuluma ngalo. Uthando lweFiliyo kanye nothando lwe-Agapao: olulodwa . . . Lolubili uthando, kodwa olulodwa uthando lwaPhezulu, kanti olunye uthando lapha emhlabeni.

84 Njengoba bengikhuluma nentatheli namhlanje, Ngathi, "U—uthando lapha phansi, uthando lomuntu, lungakwenza udubule indoda ngenxa yomkakho, kodwa uthando oluvela Phezulu lungakwenza ukhulekele umphefumulo wayo olahlekile." Okuhluke kakhulu; niyabo? Olunye lwalo uthando phansi lapha kuleli zinga, uthando lomuntu, kanti olunye uthando oluvela Phezulu.

85 Nozwelo olubuka phezu kwesixuku bese luthi, "O, Ungemphulukise lo muntu, uyagula. Usesidingweni esinjalo. Lena yindoda elungile; siyayazi. Phulukisa lengane encane. Buka," lolo uzwelo lomuntu. Kodwa okwangempela . . . Nakhu: Uzwelo lwangempela lobuNkulunkulu ngukwenza intando yaLowo owakuthuma ukuba ukwenze.

86 UJesu wedlula kubo bonke abagulayo, nabahluphekileyo, nabakhubazekile, waya laphaya, wafica indoda ilele phezu kombhede, wathi, "Ungaphiliswa na?"

"Awu," wathi, "ngiyakwazi ukuhamba. Lapho ngehlela echibini, ngani, omunye ungcono kancane kunalokho engiyikho amanyathelo ngaphambi kwami."

87 UJesu wathi . . . Manje buka, uJesu wayazi ukuthi wayelele lapho, wayesegule iminyaka engamashumi amathathu nesishiyagalombili, enalesisifo iminyaka engamashumi amathathu nesishiyagalombili. Kungani Engaphulukisa umuntu onjalo na? Wayenza intando kaBaba. Futhi Wamthola, Wathi, "Thatha uhlaka lwakho ungene endlini yakho." Wagoqa uhlaka lwakhe futhi wenza lokho uJesu ayemyale ukuba akwenze, waqhubeka ehamba.

88 AmaJuda amthola, uqala ukumbuza; bamngenisa ecaleni. UJesu walethwa ecaleni.

89 Nele 19, leso yisahluko se 5 sikaJohane oNgcwele nevesi le 19, uJesu ngenkathi Ebuzwa . . . Ngiyazibuza ukuthi babeyoMbuza ngani uJesu. Okokuqala, ukuphulukisa ngeSabatha. Into elandelayo: "Kungani Ungabaphulukisi ezansi lapho na? Yehlela lapho futhi ubasindise bonke uma Ungakwenza?"

90 Lalelani ukuphendula kukaJesu: Wathi, "Ngiqinisile, ngiqinisile, Ngithi kini, iNdodana ingenze lutho ngokwaYo, kuphela lokho uBaba aNgibonisa khona. ENgibona uBaba ekwenza, uBaba uyaNgibonisa, bese-ke Ngiyahamba ngikwenze."

91 Ngamanye amazwi, uJesu akenzanga lutho kuYe uqobo waze Wabona umbono walokho uBaba athi kwenze. Khona-ke Wahamba futhi wakwenza. Lobo ubuKristu: ukwenza intando kaNkulunkulu. Lokho kwakungukuPhila kwaKhe. Yilokho uJesu akwenza.

92 Manje, Wathini ngenkathi Emuka na? Silwela ukukholwa okwanikelwa kwaba kanye. Kwakufanele kuvele ndawana thize uma kunikelwa kwabangcwele. Ngabe kunjalo na? Ukukholwa okwanikelwa kwaba kanye kwabangcwele: Ngubani owakunikela na?

93 Wathi, "Kuseyisikhashana izwe lingabe lisaNgibona. Nokho, niyoNgibona, ngokuba Ngiyoba nani ngisho kini, kuze kube sekupheleni kwezwe; nezinto eNgizenzayo nani niyakuzenza, ngisho nangaphezu kwalokhu, ngokuba Ngiya kuBaba waMi." Niyakuthola na? Kwakuyini na?

94 Ukukholwa Ayekumelele, Wakunikela eBandleni ukuba likuyise emikhawulweni yomhlaba. Amen. O, ngethemba ukuthi uzokwehla ngempela ngaphansi kwesikhumba sakho, bheka ubambo lwakho lwesihlanu ohlangothini lwesobunxele.

95 Qaphelani, lokho kwakuwuku—ukukholwa uJuda ayekhuluma ngakho. Lolohlobo lokukholwa, izinto uJesu azenza, ukukholwa Ayenakho kuNkulunkulu, Wanikela leyonto efanayo kwabangcwele. Ngoba Wathi, "Izinto ezifanayo eNgizenzayo, nani niyazenza." Haleluya! Ngethemba ukuthi kulungile.

96 Qaphelani, "Izinto eNgizenzayo, nani niyakuzenza. Nginikela lokhu kini. Kodwa ngaphambi kokuba ube nakho, khuphukela lapho emzini waseJerusalema futhi nilinde isikhashana. Ngizothumela isithembiso sikaBaba phezu kwenu. Ngizobuya ngizonibona maduze nje. ngikhuphukela eKalvari. BazoNgibethela, ngiphendulelwe ezandleni zabeZizwe. Abantu ababi bazoNgibethela, kodwa Ngizovuka ngosuku lwesithathu. Khona-ke Ngiyabuya futhi. Ngakho-ke lindani emzini waseJerusalema." Luka 24:49, "Lindani, noma nilinde, phezulu emzini waseJerusalema ngaphambi kokuba niye ezweni lonke naleliVangeli. Ngifuna nikhuphukele emzini waseJerusalema futhi nilinde lapho Ngize ngifike." E-hhe.

97 Uma EnguYe ozoba kini, kwakunguYe owafika esesimweni sikaMoya. "Khuphukani nilinde, ngokuba Ngizothumela isithembiso, uBaba anithembisile sona. Ngizosithumela phezu kwenu. Khona-ke Ngizoba nani, ngibe kini, yonke indlela kuze kube sekupheleni kwezwe. Futhi Ngizoba kini, ngenza izinto ezifanayo eNgazenza ngenkathi Ngiselapha kulo mzimba. Ngizobuyela eMzimbeni waMi wasezulwini ngenza into efanayo." Niyakubona na?

98 Ngokuba ukuphela kwento ukufa kwaKhe kwaba seKalvari ukusindisa isoni futhi aveze eBandleni amandla noma igunya,

nokukholwa ukwenza izinto ezifanayo Azenza, noma ukuvula inhliziyo, ukwenza umgudu ukuthi qobo lwaKhe abengahlala kuwo. Ngethemba ukuthi niyakubona.

99 Qaphelani. Sizobona uma kwenzekile. Kulungile, ngenkathi Ehamba noMoya oNgcwele ufika ngoSuku lwePhentekoste (Qaphelani!), masinyane umfo omncane ogama lakhe linguFiliphu, bonke begcwele uKristu, wehlela eSamariya lapho uJesu wayengenzanga khona izimangaliso, kodwa watshela owesifazane esambulweni sobuNkulunkulu ngalokho okwakungalungile kuye nokunye nokunye; wehlela lapho futhi washumayela futhi wenza izimangaliso, futhi wakhipha amademoni, futhi baba nenjabulo enkulu emzini. Lokho kwaba ukukholwa okwanikelwa kwaba kanye kwabangcwele.

100 UPetru, emva kokuba esegcwaliswe ngoMoya oNgcwele, wayephumile ohambweni ngolunye usuku, wenyukela esiqongweni sendlu ukuba alinde idina. Cishe wayengenaso isidlo sasekuseni ngoba wayelambile. Futhi besalungisa ezansi lapha ngasolwandle, nendlu kaSimoni, umshuki, USimoni Petru wakhuphukela phezu kwendlu, okwakuwumkhuba eMpumalanga, ukulala phezulu phezu kwendlu, ukudla phezu kwendlu, nakho konke, UPetru wakhuphuka futhi wahlala phansi, futhi wayephumule isikhashana. Futhi ngenkathi esaphumule, wayengummeleli wokukholwa.

Kuzomele siphuthume manje. Sekuvele kuyihora lesishiyagalolunye. Sengivala, lalelani.

101 Wayefanele amele ukukholwa. Ngokuba uJesu wayemtshelile ukuthi wayezokumela. Ngakho khona-ke lapho esefikelwa isithongwana . . . Ngiyazibuza ukuthi wangena kusiphi isimo. IBhayibheli lathi wayenesiyezi.

Namuhla bayothi "Nango okhonza imimoya yabangasekho." E-hhe, e-hhe.

102 Wafikelwa yisiyezi, futhi esiyezini wabona umbono. Wawumtshelani umbono na? Yona impela intando kaNkulunkulu. Into efanayo eyenzeka kuJesu waseNazaretha.

103 Wathi, "Manje bheka, Petru, Ngifuna ukhuphuke. Kukhona amadoda azayo, akulindele manje, futhi ngikubonise lombono walelishidi eligcwele izinto ezingcolile."

104 Futhi uPetru wasukuma, wathi, "O, qhabo. Hhe-e. Angisoze ngadla lutho olungalungile." Wathi, "Ngi—ngi . . . Akuzange kungene neyodwa into engcolile emzimbeni wami." Wathi, "Ngeke ngikudle."

105 Wathi, "Ungakubizi lokho ngokujwayelekile nokungahlanzekile engikuhlanzile." Wathi, "Manje, Petru, awuwuqondi umbono, kodwa kunamadoda amabili akulindile. sukuma, futhi uqhubeke nawo ungangabazi lutho." O, he.

Kukhona ukukholwa okwanikelwa kwaba kanye kwabangcwele. Yileyo ndlela abenza ngayo ngakho.

106 Ngakho-ke uPetru wasukuma, mhlasimbe, akazange adle ngisho idina lakhe, futhi wahamba wakhuphuka. Futhi uKorneliyu wayewubonile umbono, futhi wayesebize bonke abantu bakubo, abakhethiweyo, wabangenisa, wababeka, mhlawumbe wathatha ibhentshi lokuwashela, nakho konke, wadonsa izihlalo, wayesehlalisa bonke abantu nxazonke. NoPetru wangena futhi uqala ukufakaza futhi ebatshela ukuthi uMoya oNgcwele wehlela kanjani phezu kwabo ngoSuku lwePhentekoste.

107 Kwathi uPetru esakhuluma lawo mazwi, uMoya oNgcwele wehlela phezu kwabeZizwe. Lokho kungukukholwa okwanikelwa kwaba kanye kwabangcwele. Base beqala ukukhuluma ngezilimi bonke, futhi bebabaza uNkulunkulu, futhi badumisa uNkulunkulu, benohlobo olufanayo lomhlangano njengoba benza ngoSuku lwePhentekoste. UPetru wathi, "Singenqaba yini namanzi, sibona ukuthi laba bamukele uMoya oNgcwele njengoba senza ekuqaleni na?" Ngakho-ke wabayala ukuba babhaphathizwe eGameni leNkosi. Futhi walinda nabo izinsuku eziningi.

108 Ngalesi sikhathi kwaba i—indoda engenandaba kakhulu, uPawulu, eneziQu zoBuciko kanye neD.D. kanye ne-Ph.D. owayazi konke ngayo yonke isayense yezenkolo. Wathi, "Ngizothatha leso sigejane sabantu futhi, abantu abahlanyayo . . ." Yilokho akusho: "Ukweduka." Uyini umuntu odukile, *imbuka* na? "Isiwula, ohlanyayo." Wathi, "Ngizobabopha bonke. Abazi nokuthi bakhuluma ngani."

109 UPawulu wayephansi lapha ezingeni lemvelo enePh.D yakhe. Niyabo? Wayengazi. Wayenokukholwa kobuhlakani, kodwa wayengenakho ukukholwa kobuNkulunkulu. Kunomehluko omkhulu kimi ekubeni nokukholwa kobuhlakani kunokukholwa kobuNkulunkulu. Kulapho nina, bangane bami beBaptisti, nehluleka khona ukuqhubeka. Nithola ukukholwa kobuhlakani nga*lokho*, kodwa kufanele kube isambulo sobuNkulunkulu sikaJesu Kristu kuwe esisusa isono enhliziyweni. Ukukholwa kobuhlakani akwanele. Lokho kulungile, kodwa kukuletha kuMoya oNgcwele kuphela. UMoya oNgcwele uyisehlakalo somuntu siqu sokuzalwa, ukuzalwa okusha, ukuzalwa kabusha, ukwenza isidalwa esisha kuKristu.

110 Qaphelani, uPawulu wagxumela ehhashini lakhe lokugitshelwa, futhi wehlela eDamaseku nezincwadi ezithile ezivela kumpristi omkhulu, wathi, "Ngizobabopha bonke labo bahlubuki. Ngizobabuyisa."

111 Buka ukuthi iVangeli lase lisabalaliswe kanjani. Alizange lihlale njengoba linjalo namuhla. Mfowethu, lapho bebona imisebenzi kaNkulunkulu yenziwa yilabo baphostoli, basuka

bahamba. Babevutha ngempela. Babenza okuthile. Mhlasimbe imvuselelo kaPhilip yaveza into enkulu.

112 Futhi le ngaleya uPawulu esendleleni yakhe eya eDamaseku esuka eSamariya eya ngale eDamaseku; UNkulunkulu wayeseyibizile indoda, futhi wayigcwalisa ngoMoya oNgcwele, futhi wayinika isiphiwo sokuhlukanisa. Igama layo kwakungu-Ananiya.

113 Ngakho-e uPawulu esendleleni yakhe ehla . . . Lokho kungukukholwa okwanikelwa kwaba kanye kwabangcwele. UPawulu esendleleni yakhe eyehlayo, egabadela ehhashini lakhe lokugitshelwa elikhulu elidala, ethusa nje, ememeza izinto ezinkulu kakhulu ezindala: "A, linda ngize ngifike ezansi lapho," izinsongo ezinkulu, "Ngi—ngizobanakekela. Ngizomisa wonke lowomsindo lapho naleyomibono nalokho, konke lokho kuprofetha. Ngizobeka i—ngizokuqeda."

114 Futhi ngaleso sikhathi iNsika yoMlilo eyahola abantwana bakwa-Israyeli, ingakaze ibonakale phambi kwakhe, kodwa yambhibiza ebusweni ngqo yase imlahla phansi ehhashini lakhe. Amen. Uqale ukuzigingqa, wabheka phezulu, futhi kwakukhanya kakhulu nxazonke kuye; iNsika yoMlilo efanayo, ukuKhanya okwakhanya phansi ngamandla kunelanga kokwalo, phakathi nokushisa kwalo. UPawulu wanikina ikhanda laKhe.

Wathi, "Sawulu, Sawulu, uNgizingelelani na?"

Wathi, "Nkosi, uBani engimhluphayo na?" Yeka umehluko.

115 UNkulunkulu wathi, "Manje, niyabona ukuthi Ngizomenzani na? Ngizomenza i—Ngizomenza isitsha; Ngizomenza aNgikhonze." UNkulunkulu unendlela yokwenza izinto, niyazi.

116 Ngakho-ke Wathi, "Manje, sukuma, yima ngezinyawo zakho futhi wehlele emgwaqweni othiwa uQondile." Leyo yindawo enhle yokuthatha ophendukile omusha. Futhi wathi, "Yehlela eDamaseku, umgwaqo othiwa uQondile."

117 Manje, sengiyambona uPawulu engena ndawana thize lapho, wayesethi, "Nenekazi, o, ikhanda lami libuhlungu. Amehlo ami, angiboni nhlobo, ukukhanya kancane, futhi ngisesimweni esibi kangako." Wathola ikamelo elincane, futhi waliqasha, laphaya ehhotela, futhi wangena lapho. Futhi usuku lonke, wakhuleka, ethi, "Nkosi, Jesu, ngizovele ngiklebhule lezi zincwadi ezindala u-Ananiya anginika zona. A—angisafuni ukwazi lutho ngazo. Ngifuna ukwazi kakhulu ngaWe, Nkosi."

118 Futhi kwakukhona umshumayeli omdala ezansi lapho, owabona imibono ogama lingu-Ananiya. Niyabo? Ukukholwa okwanikelwa kwaba kanye kwabangcwele, wakuthola kanjani na? Niyabo? IVangeli lase lishunyayeliwe.

119 Futhi u-Ananiya wabona umbono, futhi wabona indoda igama layo linguSawulu ilele endlini, igiqika, futhi iphenduphenduka, futhi ikhala, futhi iqhubeka. INkosi yathi, "Ananiya, yehlela lapho emgwaqeni othiwa uQondile, futhi ubeke izandla zakho phezu kwakhe, ukuze abuye abone futhi, futhi aphulukiswe, futhi emukele uMoya oNgcwele."

120 Yini na? UNkulunkulu wabonakala embonweni ku-Ananiya. Ukukholwa okwalethwa nguJesu, i—imiphumela eza nayo, yavezwa eBandleni. Wathi, "Yehla manje, ubeke izandla zakho phezu kwakhe, uzokwamukela uMoya oNgcwele futhi amukele ukubona kwakhe."

121 UNkulunkulu usambula kubantu, "Hamba, ubeke izandla zakho phezu kwa*lona*, utshele *lona*, ukhulume na*lona*, wedlulele ngapha ku*lowo*." Ukubona kubonke ubusuku. Amen.

Wathi, "Yehla ubeke izandla phezu kwakhe."

Wathi, "Nkosi, ngizwile ngalo mfo." Wathi, "Uyaphuma, asongele, futhi sizwa ukuthi unezincwadi ezivela kumpristi omkhulu."

UNkulunkulu wathi, "Bheka, uyakhuleka."

122 Lapho ephuma embonweni, sengiyambona esula amehlo akhe futhi ezibuyisela esimeni sakhe esejwayelekile futhi, wafinyelela futhi wathola iBhayibheli lakhe, njengoba kwakunjalo, umBhalo wakhe, futhi waWufaka ekhwapheni lakhe, futhi nangu ehla ngomgwaqo.

123 Ebheka phansi emgwaqeni othiwa uQondile, wathi, "Manje, ake sibone. Ngibonile kulowombono indlu eyayibukeka ngendlela *ethize*. Ukuphi na?" Uyahamba udlula epaki yedolobha, ezansi wedlula ngasenkantolo, uyaqhubeka wedlule esinagogeni, ehamba. Futhi ngapha, wathi, "O, yilokho-ke. Yileyo indawo engiyibone embonweni." Wenyukela lapho futhi ungqongqoza emnyango, uyavula futhi uyangena, nakhu kulele uSawulu omdala phakathi lapho, ezigingqa, futhi egqinsika, ekhuleka.

124 Wasondela kuye wayesethi, "Mfowethu uSawulu . . . " Amen! "Mfowethu uSawulu, ubone umbono wehla, awuwubonanga na? INkosi uJesu ibonakale kuwe, phezulu lapho."

Ngizwa uSawulu ethi, "Ukwazi kanjani na?"

"Ngani, Ubonakele kimi ezansi lapha, futhi wangitshela konke ngakho."

125 Lokho kungukukholwa okwanikelwa kwaba kanye kwabangcwele. Wathi, "Wangihlangabeza ezansi lapho futhi wangitshela ukuthi ngenyukele lapha futhi ngibeke izandla kuwe ukuze uphulukiswe, kanti futhi, ukuthi ungemukela uMoya oNgcwele; ngokuba Yena ukukhethile." O, he. Nakho lapho ukhona.

126 Futhi wabeka izandla zakhe phezu kwakhe, futhi wakhuleka lapho yena . . . UNkulunkulu wamcela ukuba akwenze. Futhi amehlo kaPawulu aphulukiswa. Futhi wamehlisela emfuleni ngqo futhi wambhaphathiza, ebiza iGama leNkosi, egeza izono zakhe. Futhi uPawulu wabizelwa eVangelini. Lokho ukukholwa okwanikelwa kaba kanye kwabangcwele.

127 UPawulu emi lapho ngobunye ubusuku, eyisiboshwa e . . . ukuya emikhunjini yaseRoma yakudala. Ngama, endaweni lapho abanquma khona ikhanda lakhe futhi bamphonsa ngefasitela esiseleni. Kushisa inhliziyo yakho! Lapho uPawulu, etilongweni, ephuma, wafakwa emkhunjini omdala, uwela, uthwele ukolo. Futhi endleleni yakhe phandle lapho, watshela abantu, wathi, "Ngizwa sengathi akufanele sisuke lapha, eKrethe, futhi siphumele lapho." Wathi, "Ngesaba ukuthi nizobanga inkathazo."

128 "Ya, ubani lesi siboshwa empeleni na? Bemkhahlele ohlangothinbi lomkhumbi." Futhi izinsuku eziyishumi nane nobusuku esivunguvungwini esikhulu, wonke amathemba okuthi uyoke asindiswe ayengasekho. Baphonswa emuva naphambili, futhi kwaphuka inaliti yenkombandlela. Konke, insika yawa, futhi i—isimo esinje pho; oseyili abadala badatshulwa baba yizintambo, futhi wonke umuntu wayeklabalasa futhi ekhala; futhi wonke amathemba okuthi bayoke basinde ayengasekho. Nangu uPawulu eboshwe ngamaketanga ezandleni zakhe nasezinyaweni zakhe.

129 Ngobunye ubusuku wehlela endaweni ephakemeyo, mhlasimbe, phezulu endaweni onqenqemeni, wakhasa wabuyela endaweni encane wayesevala umnyango, igunjana eliyimfihlo, futhi waqala ukukhuleka, mhlasimbe, ubusuku bonke gulukunqu. Ngakusasa ekuseni, uzwa amaketanga ekhenceza, ekhuphuka ngezitebhisi, nangu uPawulu eza, emi phandle exhawula izandla zakhe zinamapotwe avela emaketangweni ngenxa yokushumayela iVangeli, elwela ukukholwa okwanikelwa kwaba kanye kwabangcwele, namaketanga ezandleni zakhe.

130 Bheka. Uma ashumayela futhi ekulwela, uNkulunkulu uzomvuza ngakho. Nango nezandla zakhe *kanjalo*, wathi, "Umzuzwana nje. Umzuzwana nje. Yimani isibindi, nonke." Nomkhumbi omdala uphonswa emuva naphambili. "Yimani isibindi. Ngokuba iNgelosi kaNkulunkulu, eNgiyinceku yaKhe, ime eduze kwami izolo ebusuku." Kungahle ukuthi bekuyiNsika yoMlilo, angazi ukuthi beKuyini. Kungenzeka ukuthi nguYena ofanayo ofika kuPetru futhi wamkhipha etilongweni. Angazi.

131 Kodwa wathi, "INgelosi kaNkulunkulu, eNgiyinceku yaKhe, ime nami izolo ebusuku, ithi, 'Ungesabi, Pawulu.'" Wathi, kungenjalo, "Banumzane abahloniphekile, ngibone umbono izolo ebusuku. INgelosi yeNkosi ifike kimi, futhi

yangitshela ukuthi ngingesabi. Ngokuba ngimelwe ukuyiswa phambi kukaKesari, nokho, lomkhumbi omncane omdala uzophahlazeka esiqhingini *esithize*; futhi yini, ngifanele ngime phambi kukaKesari, futhi uNkulunkulu unikile nonke ngamunye, ukuntweza nami, ngukuninika mina. Ngakho-ke, bazalwane," wathi, "yimani isibindi, ngokuba ngiyakholwa nguNkulunkulu. Kuyoba njengoba nje ngibonisiwe." Ukukholwa okwanikelwa kwaba kanye kwabangcwele, kwakuyini na? UMoya kaKristu kumphostoli. Ngabe kunjalo na?

132 Ngokushesha, ngifanele ngivale. UMoya kaKristu kubaphostoli, besivame ukubiza iNcwadi, "IZenzo zabaPhostoli." Lokho kwakungalungile. YiZenzo zikaKristu kubaPhostoli, ngoba babengamadoda. Kodwa babenokukholwa okufanayo.

133 Manje, uMoya kaKristu kubaphostoli wawuyilokho okwakwenza lokho. Ngemva kweminyaka engamashumi amathathu nantathu, uJuda wathi, "Qhubeka ulwela lokho kukholwa. Ngibhalile . . . khuthalela ukunilobela ukuze nginikhuthaze" (Ukunishukumisa, ngelinye igama.) "ukuthi ngobuqottho, ngobuqotho, nilwe" (Qhubeka ubambe.) "ngenxa yokukholwa okufanayo okwanikelwa kwabangcwele."

134 Ingabe ibandla lakho liyakukholwa lokho na? Uma likukholwa, lilwela ukukholwa okwanikelwa kwaba kanye kwabangcwele: Nikulwele ngobuqotho ukukholwa.

135 Manje, ingabe ibandla lakho liyakholwa ukuthi uJesu Kristu esimweni sikaMoya oNgcwele, ulapha namuhla na? Uma sikholwa ukuthi uMoya oNgcwele ulapha, khona-ke iBhayibheli lathi, "UJesu Kristu wayenguye izolo, namuhla, naphakade." Khona-ke uMoya oNgcwele ofanayo owawuphezu kwabaphostoli ufanele ube nguMoya oNgcwele ofanayo olapha namuhla. Ngabe kunjalo na?

136 Ukuba-ke nginitshele kulobubusuku ukuthi umoya kaJohn Dillinger ubukimi na? Ngani, bekungaba yingozi ukuba lapha. Ubheke mina ukuthi ngibe nezibhamu ezimbili ezinkulu ohlangothini lwami, ngoba umoya kaJohn Dillinger, umdlwembe, wawukimi.

137 Ukuba-ke ngikutshele ukuthi umoya weciko elithile elikhulu, elidumile ubukimi na? Ulindele ukuthi ngicwilise ibhulashi kupende futhi ngipende isithombe, lapha, sokushona kwelanga noma amagagasi egingqika ngaleya, lokho bekungakuthatha futhi kukubambe ulumbekile.

138 Ukuba-ke ngikutshele u—umoya kaGeorge Beverly Shea na? ukuba-ke ngikutshele umoya ka-Einar Ekberg na? ubukimi na? Ubungalindela ukuthi ngicule ngephimbo lawo madoda acula ngalo, ngoba umoya wawo ukumi.

139 Futhi uma bengingathi uMoya kaKristu ukimi, Uzofanele uveze ukuPhila kukaJesu Kristu ncamashi. Futhi uma uKristu elapha, iThemba lenkazimulo kithi manje, Uzoveza ncamashi nje ukuPhila okufanayo Akwenza ngaleyonkathi.

140 EChicago, bangane bami abathandekayo, ukuthengwa kweGazi leNkosi yethu uJesu, niyikho. Kini eningithandayo, futhi eniza ukuzongilalela, nginithanda ngothando olungapheli. Futhi khumbulani: Hlalani nilwela ukukholwa okwanikelwa kwaba kanye kwabangcwele, kwalethwa kithi nguJesu Kristu, kwehliswa kusuka kubaphostoli kwehle kuya kuFrances oNgcwele, kanjalonjalo, kuqhubeke kwehle, kuqhubeke kwehle. UyiNkosi uJesu efanayo, izolo, namuhla, naphakade. Futhi ngilapha, kulobubusuku, ukuba ngilwele ukukholwa okwanikelwa kwaba kanye kwabangcwele. Futhi uNkulunkulu angisize ukuba ngaso sonke isikhathi, kuze kube usuku lwami lokufa, ukuba ngilwele ukukholwa okwanikelwa kwaba kanye kwabangcwele.

Sengathi ungawemukela umkhuleko wami, eGameni likaKristu.

141 Baba, lawa mazwi ambalwa aphukile akhulunyiwe manje, eminye imizuzu engamashumi amane nanhlanu ubude, balinda isikhathi eside, isikhathi eside kunalokho ebengikuhlosile, ngenxa yokucindezelwa nokuzwela koMlayezo, iZwi, ukufika kubantu. Uma kuphela bengamukela iZwi, khona-ke bayoba naWe enhliziyweni yabo. Futhi lapho ngiqhele ngamamayela, basayohlala benokukholwa okwanikelwa kwaba kanye kwabangcwele.

142 Baba ngokwazi kwami konke, ngikhulume iqiniso, kanye ne. . . konke engikwaziyo ukukusho, ukuthi lelo kuyiqiniso. Wukukholwa. Futhi manje, Nkosi Jesu, Wena Owasho lamazwi ngokumangalisayo, "Ngizoba nani, ngibe kini, kuze kube sekupheleni kwezwe," Ungeze yini kulobubusuku futhi ubonakalise ukuvuka kwaKho ngamandla obuNkulunkulu, amandla okubona, amandla okuphulukisa, amandla okuthethelelwa kwezono, zibonakalise Wena uqobo kulokhu na? Thina bantwana abalindile, abanhliziyo zilambile, sifuna ukubona ukubonakaliswa kokukholwa okwanikelwa kwaba kanye kwabangcwele. Akunandaba ukuthi Ufika kangaki, Nkosi, ngisakuthanda. Ngifuna ukukubona kaninginingi; ngoba ngiyaKuthanda. Ngifuna ukuba naWe kuze kube phakade.

143 Futhi, Baba, ngiyakhuleka, kulobubusuku, ukuthi Uzothatha lenkonzo ezandleni zaKho manje, futhi ufike bese wenza into ethize Oyenzile emuva lapho, njengoba Wenza kulabo base-Emawuse, ngalolosuku, uhlephula isinkwa; Ukwenze ngokwehlukile kunoma ubani omunye, namehlo abo avuleka futhi baKubona, ukuthi Wawulapho, babona ukuthi WawuNgubani. Ngeke yini uze kulobubusuku wenze into

efanayo na? Mhlawumbe, hhayi into efanayo, kodwa yenza okuthile ngendlela, ukuthi sizokwazi ukuthi nguJesu ofanayo owethulile ezweni, ukukholwa abangcwele ababenakho, futhi kusaqhubeka nanamuhla.

144 Kwangathi ongakholwayo, ongabazayo angasindiswa kulobubusuku. Kwangathi abagulayo bangaphulukiswa futhi abangcwele bajabule. Ngokuba sikucela eGameni likaJesu, iNdodana yaKho, Owasethembisa lezizinto. Amen.

145 [Akuqoshwanga eteyipini—Umhl.] . . .? . . . Nginikeze abantu emgodini lapha, ngokushintshanisa okuqoshiwe kwabo, busisa izinhliziyo zabo, bathola lezo, ngoba inqwaba yabathandekayo, bafuna ukuthola ngesinye isikhathi ukuthi kwashiwoni kubo. Kuqapheleni.

146 Manje, ngaphambi kokuba ngingene ukuyokhulekela abagulayo, manje, ngizosho lokhu, mfowethu othandekayo, dade: Kungahle kube, kulobubusuku, ukuthi akukho neyodwa into ezokhulunywa. Angikwazi ukusho. Angikwazi ukukulawula. UNkulunkulu ulawula lokho. Niyabo?

147 Manje, ngifuna wenze lokhu. Manje, njengamakholwa . . . Uma unqikaza, ungabeki eduze, uma kuqala, ngoba uzozithola usenkingeni kuphela. Kodwa khumbula, ungase ube nesifo, ngokuqinisekile ngokwanele, ngakho-ke khumbula: amandla amademoni ayobe ebanzi, uma uMoya oNgcwele uza ukuwenza ahambe. Uyakholwa ukuthi Usimisele ukwenza kanjalo na?

148 Wathi, "Lezi . . ." Amazwi, into yokugcina Ayisho, ngaphambi kokuba Ashiye umhlaba, inkulumo yokugcina eBandleni: "Hambani niye ezweni lonke, futhi nishumayele leliVangeli kukho konke okudaliweyo." Ngabe kunjalo na? Kwakungeke kube okwabafundi kuphela, ngoba Wathi, "Umhlaba wonke, nakuzo zonke izidalwa. Nalezizibonakaliso ziyakulandela kulo lonke izwe, kuso sonke isidalwa, esikholwayo. NgeGama laMi bayokhipha amademoni, bakhulume ngezilimi ezintsha, baphathe izinyoka, uma bephuza okubulalayo, akusoze kwabalimaza. Uma bebeka izandla zabo phezu kwabagulayo bayosinda." Futhi Wemukelwa phezulu eNkazimulweni, sekuyisikhathi sokugcina iPhimbo laKhe lizwakele ngokuzwakalayo emhlabeni kusukela ngaleso sikhathi, aze Aqhumise amazulu futhi abuye.

Wathi, "Lapho Ngibuya, ingabe ngizothola ukukholwa na? Lezizibonakaliso ziyakubalandela abakholwayo": Ukukholwa.

149 Woza nezincwadi, mfowethu. Masikhulekele manje incw- . . . [Akuqoshwanga eteyipini—Umhl.]

150 Kulungile. Woza lapha, nenekazi. Manje, ngifuna ukukubuza; lapha kumi owesifazane. Ngimi lapha futhi kulobubusuku, ngikholwa ukuthi bekusebusuku obumbalwa obudlule, into efanayo: Inenekazi li—ngowesifazane oyikhaladi. Futhi yena kusukela ekuqaleni kwakhe, isimo sakhe, yena,

umTopiya, futhi mina ngiyiAnglo-Saxon, noma uhlanga olumhlophe. Into efanayo yenzeka eSamariya, ngenkathi uJesu ehlangana nowesifazane ongumSamariya, futhi wathi, "Akulona isiko laKho ukuthi ube nokudlelana nathi." Ngoba babeno—nodaba lobuhlanga ngalolo suku, kodwa uJesu wamtshela ngokusobala ukuthi kwawungekho mehluko kubantu. Kunjalo.

151 "Ngokuba abantu abakhuleki kule ntaba noma eJerusalema," Wathi, "kodwa abantu bakhonza uNkulunkulu ngoMoya nangeQiniso, kodwa uBaba ufuna abanjalo." Niyabo? UMoya neQiniso.

152 Manje, kodwa lesi isibonelo: Nangu owesifazane, ngicabanga ukuthi siyizihambi omunye nomunye, asazani. Kodwa uNkulunkulu uyasazi sobabili. Futhi Uyamazi owesifazane njengomTopiya; Ungazi njengom-Anglo-Saxon. Futhi sobabili singabegazi elifanayo. UNkulunkulu wenziwe ngesizwe esisodwa, umuntu oyedwa, igazi . . . Sonke isidalwa esingumuntu sinohlobo olufanayo lwegazi; singanikeza ukutheke-. . . AmaShayina, amaJapane, ophuzi, onsundu, omnyama, omhlophe, bonke bayigazi elifanayo, nje umbala wesikhumba sabo. Ngakho-ke uJesu Kristu wasifela sobabili.

153 Simi lapha kulobubusuku, yena engumKristu; ngiyazi ukuthi ungumKristu, ngoba . . . Ngikwazi kanjani lokho na? Ngendlela efanayo nje uJesu azi ngayo ukuthi uFiliphu wayeyi—ikholwa. Niyabo? Wathi, "Bheka, um-Israyeli okungekho nkohliso kuye." Ethembekile futhi eneqiniso. Angikaze ngimbone ngaphambilini, ngakho-ke ngazi kanjani ukuthi ungumKristu na? Ngoba ukungena kuwumoya owamukelekayo. E-hhe. Niyabo? UngumKristu. Uyakholwa.

154 Manje, ulapha ngenjongo ethize. UNkulunkulu uyakwazi lokho, angikwazi. Kodwa uma Ekwembula, khona-ke ubuKristu buka A.D. 33 kuyasebenza ngo 1955. Ngabe kunjalo na? Manje-ke uJesu Kristu nguyena, izolo, namuhla, naphakade, Akanjalo na? njengakubaphostoli.

155 UNkulunkulu anibusise manje, sisakhuleka futhi ngikhuluma nenenekazi imizuzwana nje embalwa. Manje, lapho ngikhuluma nawe, emgqeni womkhuleko, manje, uma umi lapho ungenakho ukukholwa okwanele, uma ulapho nje unokunqikaza okuncane, angazi. Kodwa ngizokutshela, uma unjalo, njengaseGameni leNkosi uJesu Kristu, uma ungakholwa ngokuqinile lokhu kungokukaNkulunkulu, phuma emgqeni, ngoba mhlawumbe uzongena enkathazweni engaphezu kokuyo lapho umi lapha. Niyabo? Khumbula lokho nje. Uyabo? Ngoba ikhadi lakho lomkhuleko likuletha lapha, uyabo, lokho kukunika ilungelo lokuza lapha. Kodwa phandle ngaleya lokho ngukukhethwa kwaKhe. Uma abantu phandle lapho bengenawo amakhadi omkhuleko, yilokho Akukhethayo; lona

ngabantu ababizwe nje ngenombolo. Ngakho-ke ngeke ngikwazi ukuthi ungubani, nokuthi uze ngani lapha. Kodwa lapho Ekhombisa imibono phandle lapho, kuzoba ngomunye Afuna ukwazi okuthize ngaye, niyabo, noma ukusho okuthize. INkosi inibusise.

156 Manje, nenekazi, njengekholwa kanye nawe eNkosini uJesu, othandweni lwaKhe olukhulu namandla onke, futhi mina nje . . . Wena uthi, "Mfowethu Branham, uyini wena . . ." Ngikhuluma nawe nje, uku . . .

157 Niyabo, kufana nje nokushuna ithuluzi, niyabo? Ngiyazi ukuthi uyikholwa. Ngiyakwazi lokho, ngoba umoya wakho uzizwa wamukelekile. Kodwa manje, kukhona into ethile onayo engqondweni yakho, into ofuna yenziwe, noma umusa ofuna ukuwucela kuNkulunkulu, noma okuthize. Futhi manje, ukwenza lokho, angazi. Ngakho-ke, kufana nje nokushuna ithuluzi. Uma ungaqondi, lishune, futhi uliqinise futhi ulithambise lize lishuneke kahle. Khona-ke uneyakho imelo- . . . niyazi, ukwenza ubumnandi endlebeni yakho, niyabo, ngendlela efanayo. Futhi yingalesosiathu ngikhuluma nabantu kuqala nje, nalaba lapha, baningi kakhulu phandle lapho, abadonsa kuvulandi osesitezi, nakuyo yonke indawo, inqubo nje eqedana amandla, njalo njalo, ngaso sonke isikhathi. Ngabantu, ukukholwa kwabo. Niyabo?

158 Kodwa manje-ke, uma bengingabuka phandle lapho kuqala, bengingeke ngazi ukuthi beKukuphi. Ngiyazi ukuthi Konke kuphandle ezethamelini, kodwa angazi ukuthi ubani. Kodwa uma ngingathola ababili noma abathathu lapha, ngize ngikwazi ukungena ekuvumelaneni nentando yobukuNkulunkulu kaNkulunkulu nokuhola kukaMoya oNgcwele, khona-ke Kuzohambela ezethamelini. Niyabona ukuthi ngiqonde ukuthini, maKristu na? Ya. Manje, yilokho-ke.

159 Kodwa, kusobala, unenkathazo yamehlo. Ufake izibuko, futhi hhayi eyezibuko zakho kuphela, kodwa unenkathazo yeso elibi elikukhathazayo, muva nje kunanininini. Kunjalo. Ngamehlo akho, ukuthi ulapha ufunela amehlo akho umkhuleko, ngoba abukeka sengathi aya—ayafiphala. Kodwa uzele ukuzongicela ukuba ngikukhulekele, ukuze uNkulunkulu awaphephise. Ngoba ngiyazi ukuthi lokho kuyiqiniso.

160 Bese-ke, wena . . . Ake ngiphathe isandla sakho umzuzwana nje. Yebo, unesifo, hhayi isifo ncamashi, kodwa isimila. Futhi yithumba, nalelothumba lisebeleni. Futhi lisebeleni lakho lesokunxele. Kunjalo. A-hha. Manje, uyakholwa ukuthi lokhu wukukholwa okwake kwanikelwa kwabangcwele na? Uyakholwa ukuthi lowo nguMoya ofanayo owasho ko—kowesifazane emthonjeni, "Unamadoda amahlanu"? Ubazi ukuthi unesifo sakho nokuthi ibiyini inkathazo yakho, Akanjalo na? Manje, uyakholwa na? Woza lapha umzuzu nje.

161 Nkulunkulu othandekayo eZulwini, ngikhulekela ukuthi uMoya waKho uhlale phezu kukadadewethu, futhi sengathi angahamba futhi asindisiwe ngenxa yezibusiso zaKho zilapha, uMoya waKho. Nami . . . Ugcobo lwakho phezu kwenceku yaKho, ngibeka izandla phezu kwakhe ngomyalo waKho, futhi ngithi edemonini elimhluphayo: Myeke! EGameni likaJesu Kristu. Amen.

UNkulunkulu akubusise, nenekazi.

162 Manje, ungeza, nenekazi na? Ngicabanga ukuthi siyizihambi, ngokwethu, komunye nomunye na? Uyakholwa eNkosini uJesu ngenhliziyo yakho yonke na? Kube nokudonsa okukhulu okuvela enenekazini elisanda kudlula. Isizathu sakho, belinethumba, nawe unalo futhi. Yilokho okuyikho. Unethumba, nalelo demoni elisanda kuphuma kuye, belimemeza kuleli, uyabo. Yiqiniso lelo. Yithumba ofuna ukukhulekelwa lona.

163 Manje, uma ngingakhuluma nawe umzuzu, uNkulunkulu ubengambula ezinye izinto. Kodwa uyakholwa manje, uma ngingakhuleka, ukuthi—ukuthi kuzokwenzeka ukuthi uzophulukiswa na? Uyakholwa na? Ngiyakutshela: unomunye umuntu ofuna akhulekelwe. O, kulokhu kugingqika engqondweni yakho. Ubuzibuza, angifundi ingqondo yakho, kodwa ubuzibuza ukuthi ngizodlula yini kuleso sicelo. Akunjalo na? Angiwufundi umqondo wakho. Yiqiniso lelo. Indodakazi yakho. Akunjalo na? Futhi ihlushwa i—isimo sengqondo. Ayikho lapha esakhiweni nawe kulobubusuku. Kodwa ifuna iphulukiswe, akufuni na?

164 Manje, uzwa Into ethize kuwe wonke, awunjalo na? Ngabe kunjalo, vele uvayizelise isandla sakho. Leyo iNgelosi yeNkosi. Uyakukholwa manje, dade na? Kwangathi ukukholwa kwakho kungafinyelela phezulu manje futhi kuphele.

165 Baba, ngibeka izandla zami phezu kwakhe, eGameni leNdodana yaKho, iNkosi uJesu, futhi ngicele ukuthi lokhu kube yikhambi, eGameni likaJesu, ngenxa yenkazimulo yaKhe. Amen. UNkulunkulu akubusise, dade.

Manje, lokho kufanele kukholise noma ubani phakathi lapha: UJesu Kristu wavuka kwabafileyo. Ingabe kuyiqiniso lokho na? Impela kuyilo.

Kulungile. Mlethe lapha.

166 O, kuthandeka kanjani ukwethemba iNkosi uJesu. Manje, niyabo, ngempela, manje lokho uMoya oNgcwele obungafuna ngikwenze, khona manje, (Niyabo?), khona manje, uma ngingalandela ukuhola okuphelele kobuNkulunkulu kukaMoya oNgcwele, bekungaba ukuvalela khona manje. Niyabo? Kodwa kwangathi uNkulunkulu angabelana ngomusa isikhashana eside nje, njengoba lobu kungubusuku bokugcina, sinabaningi kakhulu abafolile. Sengathi uNkulunkulu angapha khona.

167 Kodwa njengamanje, ngizwa sengathi Okuthile kuthi "whewu, whewu," kumemeza phezu kwezethameli nje, kumemeza, kumemeza. O, ngiyakhuleka uNkulunkulu avule amehlo akho, kulobubusuku, njengenceku ezansi lapho. Angiyena umzenzisi. Ngingumfowenu. Khuleka futhi ukholwe. Yiba nokukholwa kuNkulunkulu, nina bantu phandle lapho.

168 Sawubona, mnumzane. Uyakholwa ngenhliziyo yakho yonke ukuthi iVangeli engizama ukulishumayela leNkosi uJesu liyiqiniso, mnumzane na? Uyakholwa na? [Umfowethu uthi, "Ngiyakwazi."—Umhl.] Uyazi ukuthi kunjalo. Yileyo ndlela yokukusho. Uyabo? Ngokuba ngezwi lakho ulahliwe, noma ngezwi lakho u—usindisiwe. Uma ukholwa eNkosini uJesu, fakaza ngaYe phambi kwabantu, Uyokuvuma phambi kukaBaba neziNgelosi ezingcwele.

169 Siyizihambi komunye nomunye. Angikwazi. Awungazi. Asikaze sihlangane empilweni. Kodwa uNkulunkulu uyakwazi kusukela wazalwa, uyangazi kusukela ngazalwa. Futhi isiphetho sethu saPhakade silele ezandleni zaKhe. Uma Yena, khona-ke, ezoza futhi angazise ukuthi uzele ini lapha, noma okuthize, noma yini nje Afisa ukuyisho, into ethize oyaziyo ukuthi angazi lutho ngayo, ngabe kuzokwenza ukuthi ukholwe ngenhliziyo yakho yonke na?

170 Inkathazo yakho isesifubeni sakho. Kunjalo. Futhi nasi isizathu sokuba phakathi lapho; ungumbhemi. Ubhema osikilidi, futhi yileyo kanye imbangela yesifuba sakho sibe ngaleyondlela. Akugcini lapho kuphela, kodwa ngiyakubona uzama ukubayeka. Uzama ukukuyeka futhi kubukeka sengathi into ikubambe kabi uze ungakwazi. Kodwa amathemba akho lakhekile, ukuthi manje kuzohamba. Ngeke ukhohliswe. Uzothola lokho okucelayo. Manje, hamba endleleni yakho. Usuqedile ngosikilidi.

EGameni likaJesu Kristu iNdodana kaNkulunkulu, lodeveli uyasuka endodeni.

Hamba, ujabula.

171 Ingabe yilena . . . ? . . . Sawubona, nenekazi. Ngicabanga ukuthi siyizihambi komunye nomunye futhi, asiyizo na? Asazani. UJesu uyasazi sobabili, Akanjalo na?

172 [UMfowethu Branham uyathula—Umhl.] Bengi . . . bekuwumculo we-ogani, u*Jesu uyeza*. Kulungile lokho. "Amandla omlingi aphukile," ngokuqinisekile ngokwenele, kunjalo. Amandla akhe aphukile.

173 Nenekazi, bheka ngapha. Ulapha ngesimo; yisimila. Futhi sisengalweni yakho, ngiyakholwa. Ngabe kunjalo na? Ukuvuvukala, kusesandleni sakho sokunene, ngaphansi ngqo kwengalo ekhwapheni; yisimila, isimo sokuvuvukala, akunjalo lokho na? Lokho yiqiniso. Uyakholwa ukuthi uJesu uyakusindisa manje na? UNkulunkulu akubusise. Hamba, lapha.

EGameni likaJesu, iNdodana kaNkulunkulu, sikhipha ububi kudadewethu. Amen.

Lokho kuzwakala kulula kakhulu, futhi kunjalo. Kodwa amandla kaNkulunkulu ayakwenza.

174 Woza, ungeza yini, nenekazi? Ngicabanga ukuthi siyizihambi omunye ko no—no—nomunye; asazani. UJesu uyasazi sobabili, Akasazi na? Uyasazi sobabili. Kusobala, ubukeka ngisho ungumKristu, nenekazi, ukukubuka. Futhi umoya wakho wamukelekile ukwazi ukuthi ungumKristu. Awukaze ube nombhede wezimbali wokukhululeka, noma, empilweni. Ngibona umugqa omnyama, umkhondo, njengoba nje uhamba eMoyeni. Ulapha ukuze ngikukhulekele, ngokuba unesimila nawe, futhi leso simila sisonyaweni, sisonyaweni lwesobunxele. Akunjalo na? Kuyiqiniso. Unothandiweyo, noma, umngane ofuna ngimkhulekele naye. Ubungacabangi ukuthi bengizokusho lokho, ucabangile na? Kodwa ngi—ngi . . . Yilowo obucabanga ngaye. Futhi lowo muntu uke waba nonhlangothi; kube nonhlangothi ababili, onhlangothi ababili. Futhi enye into ngomuntu, akusuye umKristu. Akulona iqiniso lelo na? Manje, usuphulukisiwe futhi hamba ubeke leloduku kumuntu wakho, umngane wakho, eGameni leNkosi uJesu.

175 Uyakholwa ngenhliziyo yakho yonke na? Hlonipha ngokuzithoba. Umzuzwana nje, nenekazi, kulungile. Qhubeka. Qhubeka nje. Kunombono onyakazayo ekhoneni. Ngibona amanye, njengamagquma nemithi yokwenza amapulangwe enyakazayo, futhi i . . . Ngikholwa ukuthi ngiyayibona indawo. Yi—yi, ngiyakholwa, iPineville, eKentucky. Futhi kukhona inenekazi, ukhonela udadewenu ePineville, eKentucky, o . . . Awunalo . . . Unalo ikhadi lomkhuleko, nenekazi na? Awunalo ikhadi lomkhuleko na? Awunalo ikhadi lomkhuleko na? Kulungile, kulungile-ke lokho. Udadewenu uhlushwa yiTB ePineville, eKentucky. Akulona iqiniso lelo na? Kulungile, uNkulunkulu ukuphe isicelo sakho. UNkulunkulu akubusise. Ukukholwa kwakho kukwenzile.

176 Niyabo, bangane, awudingi ukuba nekhadi lomkhuleko. Ufanele ube nokukholwa; yilokho okulawula isiphiwo sikaNkulunkulu, hhayi ikhadi lomkhuleko, ukukholwa kwakho. Yilokho okulawula izipho ezinkulu kakhulu zikaNkulunkulu. Yiba nokukholwa kuYe; ungaMngabazi; Mkholwe ngenhliziyo yakho yonke.

177 Makabongwe uNkulunkulu. Umele umuntu othile futhi. Futhi bakude nalapha. Futhi ngikubona kuphenduka; kule ezansi eningizimu; i-Atlanta, eGeorgia. Ngabe kunjalo na? Futhi ngothandiweyo. Futhi ngu—umfo omncane, abahlobo abasebancane, futhi wu—udaba lovendle. Futhi ngiyababona kuphakathi kokuthi bayafona noma bangithumelela umlayezo

ukuthi ngize ngikhulekele umuntu. Akunjalo lokho na? Yisa leloduku kubo, futhi lizokwenza into efanayo.

EGameni leNkosi uJesu Kristu, makube njalo. Amen.

UNkulunkulu akubusise.

Yiba nokukholwa.

178 Uyakholwa ukuthi uNkulunkulu uyakusindisa na? Uthini ukuba bengikutshelile ukuthi Ukuphulukisile uhlezi lapho esihlalweni na? Uyakukholwa, Nkosazana Shane na? Uyakholwa na? Uyazibuza ukuthi ngilaze kanjani igama lakho, awuzibuzanga na? Uhlala e-428 South Utica Street, ngale e-Illinois lapha, eWaukegan, e-Illinois. Yiya ekhaya; usitholile isicelo sakho. Amen.

179 Malibongwe iGama leNkosi uJesu Kristu, u-Alfa no-Omega omkhulu, iSiqalo neSiphetho, Lowo owayekhona, okhona, nozakuza, iMpande neNzalo kaDavide, iNkanyezi yoKusa, uMgwaqo, iSango, iWundlu elihlinzekwe nguNkulunkulu, uJehova-Jire, uManase, uJehova. O, konke ukuhlengwa, nazo zonke izibusiso, nawo wonke amandla, onke amandla amakhulu alele ngaphakathi kwaKhe, futhi ekufinyeleleni kwalo lonke ikholwa lapha kulobubusuku. Amen.

180 Sawubona, nenekazi. Uyangikholwa ukuthi ngiyinceku yaKhe ngayo yonke inhliziyo yakho na? Uhlushwa isimo semithambo: ukuqina komthambo. Uyakholwa ukuthi uJesu uzokuphulukisa na? Futhi uphethe iduku esandleni sakho ukuze unginike, ukuya kumyeni wakho onesifo samathambo, futhi useMichigan. Akunjalo lokho na? Lise kuye eGameni leNkosi uJesu futhi . . .

Ake sithi, "Mayibongwe iNkosi." [Ibandla lithi, "Mayibongwe iNkosi."—Umhl.] Uma ungakholwa . . .

181 Uyakholwa ukuthi uNkulunkulu uyakuphulukisa kuleyonkathazo yabesifazane na? Awu, vele usuke emsamo, uthi nje, "Mayibongwe iNkosi."

Ake sithi, "Malibongwe iGama leNkosi." Yiba nokukholwa kuNkulunkulu.

182 Lelonenekazi lihlezi khona lapho lifake isigqoko esincane, inenekazi eliyikhaladi libheke ngakimi, lihlushwa yinkathazo yesifuba, uyakholwa ukuthi uJesu uyakuphulukisa, uhlezi khona laphaya, nenekazi na? Uma ukukholwa, awu, ungaba nakho. Hlala . . . Yebo, wena ophendule ikhanda lakho futhi wabheka ngenye indlela lapho, ngaleso sikhathi. Nakho-ke. Ububambe isifuba sakho; kukhona obekungalungile. Uma ukholwa ukuthi uJesu Kristu ukuphulukisile, ungaba nakho okucelayo. UNkulunkulu akubusise. Kulungile, hamba ukwemukele.

183 Ngibone elinye inenekazi eliyikhaladi livela ngesikhathi esifanayo nje. Umzuzu nje. Kodwa bekungokuthile okwehlukile. Kwangathi iNkosi uJesu . . . Noma ngabe ungubani phandle

lapho, ongenalo ikhadi lomkhuleko manje, qala ubheke ngapha, ukholwa. Ngibone inenekazi eliyikhaladi lenza okuthize, kodwa bekuwuhlobo oluhlukile lokuhlola, kunalolo olwalunikezwe i . . . Nanti lona. Inanzi ewile, isimo senanzi. Uhlezi khona lapho, akunjalo lokho na? Vayizelisa isandla sakho uma lokho kunjalo. UNkulunkulu akubusise. Hamba futhi uphile manje, eGameni leNkosi uJesu.

184 Yini enye okufanele ube nayo ukuze ukholwe na? Nenekazi, unokwethuka awunjalo na? Uphatheke kabi, ngoba unenkathazo yowesifazane, inkathazo yamanenekazi. Yisilonda esisemathunjini esincane kowesifazane, isibeletho. Manje, vele uhambe endleleni yakho; uphulukisiwe. UJesu Kristu uyakusindisa. Qhubeka.

Yiba nokukholwa kuNkulunkulu. Uyakholwa na? Ngenhliziyo yakho yonke na? O, kuyamangalisa!

185 Ungacabangi ukuthi ngiphambene. Angiphambene. Manje, hloniphani ngokuzithoba. Ngibona othile, ngikholwa ukuthi yilendoda ehlezi khona lapha. Iyakhuleka mayelana . . . I—i—inomfana emkhulekelayo, obe nokuhlinzwa ungwengwezi esweni. UNkulunkulu akubusise, mfowethu, hamba endleleni yakho. Uphulukisiwe nawe. Ngakho-ke kwangathi iNkosi uJesu ingaba nani. Amen.

Yiba nokukholwa. Ungangabazi. Kholwa ukuthi lokho uNkulunkulu akushilo kuyiqiniso, futhi yilokho kuphela ofanele ukwenze.

186 Uyakholwa ukuthi uNkulunkulu uzokuphulukisa kulokho kuqubuka, uhlezi khona lapho na? Hhe? Uyakholwa Uyakwenza na? Kulungile, hamba endleleni yakho futhi ujabule, mnumzane ohloniphekile osekhulile lapho. Kholwa ngenhliziyo yakho yonke. Qhubeka, ujabule.

187 Nansi eyodwa ehlezi khona lapha enokuqubuka okuphindeke kabili, ihlezi khona lapha phansi. Uyakholwa ukuthi uNkulunkulu uzokuphulukisa kulokho kuqubuka okuphindeke kabili na? Hhe? Uma ukukholwa, futhi ungathatha ukukholwa, futhi ukholwe ngayo yonke inhliziyo yakho, ungaba nakho.

188 Sawubona, dade. Unezinto eziningi ezingalungile ngawe. Enye yezinto zakho enkulu ofuna ngikukhulekele kuyo, ingeyalokho kuqina, lesosifo samathambo esikuhluphayo. Akunjalo lokho na? Uyakholwa ukuthi usunakho manje na? Ucabanga ukuthi ukukholwa kwakho kwanele na? Ufuna ngibeke izandla zami phezu kwakho, kusobala; Ngizokwenza lokho, njengoba udlula, woza kanjalo.

189 Baba, uMoya waKho mawuze phezu kukadadewethu. Kwangathi lomoya oqinile ongabangela amathambo akhe ashayisane ndawonye, Ngiyawukhuza eGameni likaJesu Kristu, sengathi angahamba futhi asinde. Amen.

UNkulunkulu akubusise, nenekazi. Yiba nokukholwa. Kholwa ngenhliziyo yakho yonke.

190 Ubuthakathaka nenhliziyo enokwethuka ekukhathazayo; uyakholwa ukuthi uJesu Kristu uzokusindisa na? Ukusindisile. Phenduka ngqo, hamba endleleni yakho futhi ujabule, ngokuba uphulukisiwe eGameni leNkosi uJesu.

191 Woza, nenekazi. Uyakholwa ngayo yonke inhliziyo yakho na? Ufuna ukuhamba uyokudla isidlo sakho sakusihlwa, ujabulele ukudla kwakho futhi, leyonkathazo yesisu endala isihambile kuwe na? Awu, qhubeka futhi udle isidlo sakho sakusihlwa, vele ujabule eGameni leNkosi uJesu.

Yiba nokukholwa.

192 Nenekazi eliselincane, usemncane kakhulu ukuba ube nenkathazo yabesifazane, onayo. Kodwa uyakholwa ukuthi uJesu Kristu uzokuphulukisa kuyo na? Ngingathanda ukukhuluma nawe kude nemakrofoni, umzuzu, ngingakwazi na? Umzuzwana nje. [UMfowethu Branham ukhuluma nenenekazi, kude namamayikhrofoni. Akuqoshwanga eteyipini—Umhl.] Into ethize nje obungeke uyisho phambi komphakathi. Inenekazi eliselincane liyazi ukuthi uNkulunkulu kuphela obonile lokhu kwenzeka. Inenekazi eliselincane ebelisanda kuba phezulu lapha futhi laphulukiswa, ngaleso sikhathi nje, ingabe kunjalo na? Phakamisa isandla sakho. UNkulunkulu kuphela . . . Yebo. Engikutshele khona lapho, kunjalo lokho na? UNkulunkulu yedwa ubenga . . . obengakwazi. Niyabo?

O, Ulapha uma ukukholwa, uma unokukholwa.

193 Woza, nenekazi. He, kungaba kuhle ukwedlula lesosifo sikashukela esidala futhi usinde futhi, bekungeke na? Uyakholwa ukuthi uzosinda na? EGameni likaJesu, iNdodana kaNkulunkulu, ngicela ukuphulukiswa kwakho. Hamba manje, eGameni likaJesu Kristu, futhi uphiliswe.

194 Mfowethu, ungangilalela njengomprofethi kaNkulunkulu na? Uma uthanda, kuwukuphela kwethemba lakho kuphela lokuthi uzoke uqede ngesifo samathambo. Vele uhambe usuke emsamo sengathi ubuyinsizwa, uthi, "Ngiyenqaba ukuba nakho, kusukela kulokhu kuqhubeke. Kade ngimi eBukhoneni boBukhosi baKhe, uJesu Kristu." UNkulunkulu akubusise. Hamba kweyakho iplat- . . . Hamba lapho manje, uhamba. Nakho la ukhona. UNkulunkulu akubusise.

Mlandele nje, dade, kholwa futhi usindisiwe. UJesu Kristu uyakuphilisa.

195 Mayibongwe iNkosi. Kulungile, woza. Uyakholwa na? Manje, umzuzwana nje, kukhona okumnyama okulenga enenekazini, okumnyama ngempela, kulizungeza. O Nkulunkulu, yiba nomusa. O, umdlavuza, ya, kulungile. Uyakholwa ukuthi uNkulunkulu angakuphulukisa kukho manje

na? UnguMphulukisi, Akasiye na? Uyakholwa ngenhliziyo yakho yonke na? Ngenkathi iNgelosi yeNkosi ihlangana nami, Yamisa ukuthi umdlavuza wawuyophulukiswa. Woza lapha.

196 Nkulunkulu uSomandla, kulo wesifazane ompofu, azi ukuthi lesi simo sikhona emzimbeni wakhe, Manje ngiyacela, Nkosi, ukuthi ukukholwa kwami kungahlangana nokwakhe. Futhi iNgelosi enkulu kaNkulunkulu, eyahlangana nami ngalobobusuku, futhi yamisa, futhi yathi, "Ngeke ngisho umdlavuza ume, uma uzoba qotho, uthole abantu ukuba bakholwe." Futhi Baba, ngenhliziyo yami yonke, ngikholwa ukuthi Uzomphulukisa.

Futhi ngithi kudeveli: Mshiye, eGameni likaJesu, phuma kuye.

UNkulunkulu akubusise. Hamba, ukholwa ngayo yonke inhliziyo yakho manje.

197 Uyafuna ukwedlula emfuthweni wegazi ophakeme, nenekazi, uhlezi lapho na? Usuphulukisiwe cishe imizuzu eyishumi manje, uhlezi lapho. Amen. Ngifuna ungenzele umusa. Uzokwenza manje na? Indodakazi yakho isesibhedlela; ohlezi lapho eduze kwakhe, kunjalo. Beka isandla sakho phezu kwakhe, uzokwenza na?

Baba, muphe ukukhululwa kwakhe, ngeGama likaJesu, ngiyakhuleka. Amen.

Ungakhathazeki, mfowethu, ungayesabi inkathazo yenhliziyo. Hamba endleleni yakho uthokoza. UJesu Kristu uzophulukisa.

198 Yiba nokukholwa kuNkulunkulu. Kholwa ngenhliziyo yakho yonke. Unganyakazi manje. Uma—uma uhambahamba, sizodingeka sivale inkonzo lapha. Niyabo? Ngoba kungiphatha kabi. Niyabo?

199 Unenkathazo ohlangothini lwakho, uhlezi khona lapho, lowomuntu wesibili ohlezi kusukela ekugcineni, lapho. Awunjalo, nenekazi na? Uphulukisiwe ngaleso sikhathi kukho. Sukuma, futhi nje—nje uthi, "Mayibongwe iNkosi," ngokuphulukiswa kwakho. UNkulunkulu akubusise. Inkathazo yobende.

Woza. Yiba nokukholwa. Ungangabazi. Kholwa. Uma ukholwa, ungabanakho okucelayo.

200 Sawubona, mnumzane? Ngicabanga ukuthi siyizihambi komunye nomunye, mfowethu. Wena ungumKristu, ikholwa na? Ngiyakubona uyilo. Unesicelo ofuna ukungicela sona, mnumzane; lokho okothandiweyo, onguyihlo. Unonhlangothi. Ube nonhlangothi ababili. Futhi wena, ngokwakho, unesifo sikashukela. Futhi ufuna-. . . Ungudokotela. Kunjalo. Futhi ekusebenzeni kwakho ukhulekela abagulayo.

O Nkulunkulu, eGameni likaJesu, yipha umfowethu isicelo sakhe. Amen.

UNkulunkulu akubusise, mfowethu.

Yiba nokukholwa. Uyakholwa na?

Uyakholwa ngamehlo akho, s'thandwa na? Uyakholwa ukuthi uJesu uzokusindisa na? Impela Uzokwenza.

201 Angikholwa ukuthi ngingaqhubekela phambili, bangane, sengithi nje angi . . . Kunjalo nje, kubukeka sengathi Yena nje u . . . Kuyabohla manje. Kholwa, uzokwenza khona manje na? Nonke yibani nokukholwa khona manje. Beka izandla phezu komunye nomunye. Ake ngenze umkhuleko womngcwabo.

202 Woza lapha, Mfowethu Wood, noma omunye ngokushesha. Niyabo? Beka izandla phezu komunye nomunye. (Ngitholeleni amanzi noma okuthize.) Bekani izandla phezu komunye nomunye yonke indawo.

203 Nkulunkulu onomusa, njengoba amandla ami ehamba, O Nkulunkulu, yiba nomusa, Baba. Ngomkhuleko wokukholwa ngenhliziyo yami yonke ngilahla wonke ogulayo, umzimba womuntu ogulayo phakathi lapha. Futhi ngicele ukuthi Wena, uMoya oNgcwele, uzomela kubo amandla okuvuka kukaJesu Kristu futhi ubaphulukise.

204 Sathane, unqotshiwe. Awusababambile abantu. Udaluliwe. EGameni likaJesu Kristu, phuma kuwo wonke umuntu ophakathi lapha, okholwayo.

*Nikulwele Ngobuqotho Ukukholwa* ZUL55-0123E
(Earnestly Contend For The Faith)

LomMlayezo ngo Mfowethu William Marrion Branham, okokuqala wethulwa ngesiNgisi ngeSonto kusihlwa, ngoJanuwari 23, 1955, ePhiladelphia Church eChicago, eIllinois, U.S.A., uthathelwe ekuqopheni kweteyipu enozibuthe futhi washicilelwa ungafinqiwe ngesiNgisi. Lokhu ukuhunyushwa ngesiZulu kwashicilelwa futhi kwakhishwa yiVoice Of God Recordings.

ZULU

©2022 VGR, ALL RIGHTS RESERVED

VOICE OF GOD RECORDINGS, SOUTH AFRICA OFFICE
58 DISA ROAD, ADMIRAL'S PARK, GORDON'S BAY 7140 WESTERN CAPE
REPUBLIC OF SOUTH AFRICA

VOICE OF GOD RECORDINGS
P.O. BOX 950, JEFFERSONVILLE, INDIANA 47131 U.S.A.
www.branham.org

